# *Mlindi, Yisikhathi Sini Sobusuku Na?*

Ngiyabonga kakhulu, Mfowethu Roy.

2 Ningahlala phansi. Bengiphandle nje emva kwekhethini lapha, ngijabulela lokho kucula okuhle. Nikujabulele lokho na? Lokho bekukuhle ngempela. UNkulunkulu abusise labobantwana abancane, bayi—isivuno sakusasa, uma likhona ikusasa.

3 Futhi ngi . . . UMfowethu Rose wafika futhi wangithola esikhashaneni esedlule ngesimo esiphuthumayo esibhedlela, futhi ngacabanga, "O, ngiqinisekile ukuba leyithi." Kodwa bengingenjalo empeleni. Kodwa ungitshele ukuthi uyongena esikhaleni, ngakho ngiyazi ukuthi muhle ekwenzeni lokho.

4 Awu, siyajabula kulobubusuku ukubona umbuthano phandle kulobubusuku obushisayo. Futhi siyajabula ukuzwa imibiko evela emhlanganweni wayizolo ebusuku. Angazi noma ukhona yini lapha ongakhombisa, noma ongaphakamisa isandla sakhe, okhulekelwe yileyonkonzo entsha izolo ebusuku ongakhombisa, angazi ukuthi kukhona ukuthuthuka okuqinisekile ezimweni zabo na? Asinibone niphakamisa izandla zenu, kulabo abedlulile, abedlule emgqeni womkhuleko. Kuhle, kulungile, lokho kuhle. Kulungile.

5 Omunye ungitshele ukuthi indoda ebikhubazekile esihlalweni esinamasondo lapha izolo ebusuku, ihlezi emuva lapho ndawondawo ezethamelini kulobubusuku ngaphandle kwesihlalo esinamasondo. Futhi siyajabula ukwazi lokho. Ukuphi wena, mfowethu na? Ungasiphakamisa isandla sakho, noma ngabe ukuphi, umfowethu obese . . . *Nangu*, ehlezi khona *lapha*. Ayibongwe iNkosi. Lokho ku—lokho kuhle. Lokho kukhombisa ukuthi yini nje ukuvumela ukukholwa okuncane kusebenze.

6 Manje, inkonzo entsha ingukuqalekisa isifo esiphakathi lapho. Nike naqaphela ukuthi uMoya oNgcwele wenzeni na? Into yokuqala, ngenkathi Engitshela, kwakungumkhuleko wabagulayo. Manje, ngakhononda, ngase ngithi, "Bangeke bangilalele, ngoba angifundile."

7 Futhi Wathi, "Njengoba uMose wanikwa izibonakaliso ezimbili, uyonikwa ezimbili." Wayesethi-ke, "Esokuqala, abantu bavele babeke izandla zabo kwezakho, futhi uyobatshela, bayobona ngisho umnyakazo, noma ngabe sekuhambile noma qha." Manje niyabo, lokho kuba, ufanele ukubhekisise lokho, lokho kuba ukuzijabulisa.

8 Wayesethi-ke, "Uma bengayikukukholwa lokho, khona-ke kuzoba nesinye isibonakaliso, owazalwa naso, nizobona umbono, futhi nazi ukuthi abantu benzeni, nakho konke ngabo, kanjalonjalo."

9 Ngathi, "Yilokho ebengikuzele lapha, ngitsheliwe ukuthi lokho bekungalungile." Wayesebeka umBhalo kimi, nalokho kwakuxazulula. Kodwa ngangilangazelela ukuba lolosuku lufike.

10 Bangaki osesakhiweni kulobubusuku okhumbulayo ngenkathi ngiqala ukwenyuka oGwini oluseNtshonalanga, futhi o, ezansi kudabule eningizimu, futhi—futhi nje ngaba naleyonkonzo eyodwa yalokho kubekwa izandla na? Ningakukhumbula lokho na? Bukani nje abangane! Kulungile.

11 Ngabe-ke nginitshelile ukuthi iNkosi yangitshela ukuthi kuyoba nenye inkonzo (Niyakukhumbula lokho na?), obekungaba ngukwehlukanisa imicabango yenhliziyo, kanjalonjalo na? Awu, lezozinkonzo zisebenze ngokuphelele emhlabeni jikelele. Niyabo? Omunye wahamba usuku lwawo, omunye waphila usuku lwawo.

12 Manje, kamuvanyana, uma ngithola ithuba, ngifuna ukunitshela ukuthi kwenzekeni maduze nje, engenisa inkonzo entsha yokukhuluma nje izwi. Futhi kuletha. . . Kukubuyisela ngqo emathangeni abantu futhi, uma bezofika nesimo sokuziphatha esifanele futhi bakholwe, kuzofanele kwenzeke nje.

13 Bangaki ofunde incwadi ye. . . encwadini na? Kulungile, kukhona abambalwa lapha ofunde umlando wempilo yami encwadini. Ngenkathi kwakuyi. . . Ukuthi Wangitshela kanjani ukuthi ngazalelwa ukukhulekela abantu abagulayo. "Bathole ukuba bakukholwe, khona-ke ube qotho lapho ukhuleka, khona-ke akukho lutho oluyoma phambi komkhuleko." Senake nakuzwa lokho ngaphambilini na? Impela, nikuzwile.

14 Kulungile. Manje, lokho. . . Khona-ke lezizibonakaliso nezimangaliso ngokukhombisa okwedlule, okuzayo, nokuthi kuyoba yini, nalokho obekuyikho, nakho konke ngakho, kwakungukuqinisekiswa kukaMesiya osondelayo. Nokuvumela abantu. . . Kwakungokokukhombisa abantu ukuthi ngibatshele iqiniso, ukuthi ngabizelwa ukukhulekela abagulayo. Yilowo umqondo, ukukhulekela abagulayo. Manje, inkonzo yesibili iyahamba, neyesithathu iyangena, ngakho ngijabula kakhulu ngakho.

15 Manje, kusasa ekuseni, ukudla kwasekuseni kweFull Gospel Business Men, ngiqagele bakumemezele, lapho okuyoba khona. Ngithemba ukuthi nonke nikhona, ngingathanda ukuzwa okunye futhi kwalokho kucula. Futhi ngakho, sizolindela isikhathi esimnandi ezansi lapho phezu kwe, inkomishi yekhofi, nanoma yini abanayo, namaqanda athosiwe, nokuthi yini

ehambisana nakho. Bese kuthi-ke, ngizobe ngikhuluma, iNkosi ithanda, kusasa ekuseni ekudleni kwasekuseni. Uma iNkosi ivuma, ngifuna ukukhuluma ngokuthi *Ukusondela Kwenhlanganyelo NgeNkomishi*, bese kuthi-ke, uma lokho kuyintando yeNkosi.

16 Bese kuthi kusasa ebusuku, ngibuyele lapha futhi okwenye inkonzo yokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, iNkosi ithanda. Futhi yimaphi amakhadi omkhuleko, kumbe noma yini, angazi ukuthi iNkosi izokwenzani, noma iyakwenza, kunamakhadi omkhuleko akhishiwe, awekho yini kulentambama na? Bengicabanga ukuthi belikhona. Kulungile. Sizobona ukuthi iNkosi izosiholela ekutheni senzeni ngawo kulobubusuku, noma kuzoba ngukubona okufihlakele, noma siqhubeke nayo yonke inkonzo, noma lokho Ezofuna ukuba sikwenze. Kodwa ubusuku ngabunye sizobe sikhulekela abagulayo, futhi sethemba uNkulunkulu ukuba asindise imiphefumulo.

17 Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, kunabantu abaningi aba—abangathatha iBhayibheli, futhi badonse leyokhava emuva *kanjalo*, kodwa kuthatha uNkulunkulu ukuvula leloZwi, niyabo, uNkulunkulu yedwa. Alihunyushwa ngumuntu ngokwakhe, Lifunde nje futhi uLikholwe.

18 Manje ngaphambi kokuba sisondele kuLo, siLifunda, asikhothamise amakhanda ethu nje sisakhuluma kuMqambi umzuzwana. Ubani onesicelo esikhethekile kulobubusuku na? Vele uphakamise isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, ngikhumbule kulobubusuku." Kwangathi uNkulunkulu angapha izicelo, bukani nje izandla, lolusuku olukhulu, nokho abantu abadingayo.

19 O Nkosi eyigugu, Baba wethu onomusa kakhulu nonobuNkulunkulu, Obuye wabuyisa iNkosi uJesu kwabafileyo, futhi uMethule kithi emandleni avusayo kaMoya oNgcwele, ephila nathi kulobubusuku, esebenza, eqinisa iZwi laKhe, ekhombisa izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, ukuze sibe nesiqiniseko esibusisiwe sokuthi Uyaphila futhi akafile, asikhonzi izivumokholo, izivumokholo ezifile, asikhonzi onkulunkulu bezithombe, noma onkulunkulu abafile, kepha uNkulunkulu wethu uphila kuze kube phakade, ehlala nathi.

20 O, sibonga kanjani ukwazi kulelihora, lapho ubumnyama buhlala phezu komhlaba nobumnyama obuyisigayegaye phezu kwabantu, ukuthi siKubonga kanjani ukuthi sinaleliDwala elikhulu lensindiso, iHange eliqinisekile lomphefumulo! Lokho siyakwazi, asidingi ukuba sikuqagele, uNkulunkulu wethu uyaphila owasenzela izithembiso, futhi Uzibonakalisa ephila phakathi kwethu, elungele ukuphendula imikhuleko yethu, futhi enze noma yini ebesingayifisa ezinhliziyweni zethu, uma

kutholakala entandweni yaKhe yobuNkulunkulu nezithembiso zaKhe.

21 Manje, Nkosi, sizokhuleka kulobubusuku, ikakhulukazi, ngalabo abagulayo nabahluphekile, nangaleyondoda eyigugu nethandekayo esisanda kuyikhulekela phezulu esibhedlela, ilele iseduze kokufa. Kodwa ngenkathi sibeka izandla phezu kwayo sibone ukuphila kuqala ukuhamba kuyo futhi. Siyakholwa ngenhliziyo yethu yonke ukuthi leyondoda iyophila, ngenxa yokuthi Usenzele isithembiso. Futhi sinikele inkonzo yethu, Nkosi, ngesihle nangayo yonke inhliziyo yethu, ekukholweni sikholwa ukuthi Uzosipha isicelo sethu.

22 Manje, Nkosi, sizocela kulobubusuku, ukuthi Uzothatha uMoya oNgcwele, futhi uthathe iZwi, futhi usikhonzise, njengoba nje sinesidingo. Uyazazi izinhliziyo zethu, nokuthi yini esiyidingayo, nesimo sethu somzimba, njengoba siphakamise izandla zethu ngezinto ezehlukene, futhi siyakhuleka ukuthi Uzosiphendula. Manje-ke, Nkosi, khumbula labo abangabalulamayo emakhaya, nabavalelwe ngaphakathi, nalabo abangeke beze.

23 Khona-ke sibusise lapha ndawonye, futhi lapho inkonzo isiphelile futhi siqala ukuya ngasemakhaya ethu ehlukene, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse, abaMbona enza okuthize emva kokuvuka kwaKhe njengoba nje Enza ngaphambi kokuba Abethelwe, futhi bathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba siyakucela, eGameni laKhe, nangenkazimulo yaKhe. Amen.

24 Manje, ukudonsa ingqikithi encane kulobubusuku, ake sininakise ekufundweni komBhalo eBhayibhelini, encwadini ka-Isaya. Asiphenye ku-Isaya, isahluko 21 sika-Isaya, futhi sifunde ivesi 11 lika-Isaya 21:

> *Isiprofetho ngeDuma. Ukhona ongimemeza ngiseSeyiri ethi, Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na? Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?*
>
> *Umlindi wathi, Kuyeza ukusa, kepha kuse sebusuku: uma nithanda ukubuza, buzani: buyani nize.*

25 Kufanele ukuthi kwakuwusuku olubi kabi, mhlampe olushisayo, futhi yonke into yayikade idideke kakhulu, futhi kubukeka sengathi akukho lutho olwaluhamba kahle, umuzi wonke uxakekile, ngenxa yokuthi kusukela embhoshongweni kwase kufike isixwayiso emva kwesixwayiso, "Kukhona isitha esisondelayo!" Kodwa umuzi wawunikelwe ngokuphelele kakhulu esonweni, baze babengalizwa izwi lomlindi embhoshongweni.

26 Nakuba wayethe, "Ngibone uthuli emasondweni ezinqola zabo, futhi ekukhanyeni kwelanga, ngibona izikhali zabo ezipholishiwe nezinkemba zabo ezibenyezelayo." Kodwa

babengekukholwa lokho, ngoba babezinikele ngokuphelele esonweni.

27 Futhi lapho indawo ithola ukuzinikela esonweni kanjalo abafuni ukuzwa noma yini enesixwayiso noma ukungakhululeki kubo. Kodwa ngokufanayo nje, iphimbo lafika, isexwayiso emva kwesexwayiso.

28 Futhi lapho ukuhlwa kuqala ukusondela, mhlawumbe izintombi zazihlangana phandle ngasemthonjeni womphakathi esigcawini somuzi ukuthola amanzi akusihlwa. Okwakungumkhuba ngalezozinsuku ukuba amanenekazi amancane aye emthonjeni, futhi athole amanzi awo, kusesekuseni kakhulu naleyithi ntambama, okwakuzoba ngukuhlinzeka kosuku, bese-ke kuba ngukuhlinzeka kwakusihlwa nasebusuku, kokupheka nanoma yini ababefanele babe nawo ngakho.

29 Futhi njengoba lamanenekazi athile asemancane, inkundla esitaladini iyoba njalo, siyobabona bevela ezingxenyeni ezehlukene zomuzi, futhi lapho befika lapho, siyozwa uhleko oluncane, lokubhuqa, ethi, "Nizwile ukuthi leyondoda ewuhlanya embhoshongweni itheni namhlanje, izama ukusethusa entweni ethize na? Ibizama ukusixwayisa ngesitha esisondelayo, niyazi, isitshela ukuthi sifanele siphendukele ekuphendukeni, nasendwangini yesaka, nasemlotheni."

30 Futhi ayothi, "Manje, asiphendukeli kunoma yiyiphi indwangu yesaka nomlotha, noma ekuphendukeni, ngoba asiwukholwa umlayezo wayo. Sikholwa ukuthi kulobubusuku sizoba nephathi, futhi sizogqoka izingubo zethu zesitayela esitsha kunazo zonke. Futhi nicabanga ukuthi sizovumela uhlanya lume futhi lusitshele ukuthi sifanele sigqoke kanjani nokuthi sifanele senzeni na? Angikhathali ukuthi isho kangakanani, ukuthi ixwayisa kangakanani, ngiya ephathini ngokufanayo nje!"

31 Futhi njengoba ngikuzonda kakhulu ukukusho, lolu wusuku into ethile efana nalolosuku. Akunandaba ukuthi ubatsheleni abantu, basazokwenza lokho abafuna ukukwenza, bayaxhamazela, futhi bazoqhubeka bathi ngqu ngqo. Kungakhathaleki ukuthi wena uxwayisa kangakanani ngokufika kwesitha, noma ukusondela kweNkosi, bazohamba ngokufanayo nje njengoba benza, bacabangisise kahle. Ukudlebeleka, futhi bazokwenza njengoba nje befuna ukwenza. Futhi uma uzama ukubaqondisa, uluhlanya. Ngokufanayo nje, iphimbo lisalokhu limemeza! UNkulunkulu uzoba nomlindi embhoshongweni waKhe ongeke ehluleke kodwa ukumemeza isixwayiso.

32 Kwakukhona izinsizwa e—emathaveni, futhi zazedluliselana iziphuzo, futhi zithi, "Jim, uzwile namhlanje na? Sinesitha esisondelayo." Zenza inqwaba yokuhlekisa ngakho, futhi

zedlulise ukuphawula okunenhlamba. "Sazi kangcono kunalokho, sinenqubo yezempi engcono kunazo zonke ekhona kulelizwe, futhi akukho sitha esingasikhathaza, izinqaba zethu zonke zigadiwe nezindonga zethu. Na—nalolohlanya enhla lapho embhoshongweni, ngifisa sengathi bebengalukhipha lapho!"

33 Niyazi, akukaze kuthandwe ngabantu ukukhuluma iqiniso phakathi kwabantu abafuna ukuphilela lolusuku lwamanje, abafuni ukukholwa iqiniso. Kodwa iBhayibheli lathi, "Niyakulazi iqiniso." Ngijabula kakhulu ngalokho! "Niyakulazi iqiniso, neqiniso liyakunikhulula." Manje, ungaba yisiboshwa, noma, ungaba yi—yisiboshwa esenqaba iqiniso, noma ungalazi iqiniso futhi ukhululeke.

34 Futhi lapho ubusuku buqala ukusondela, khona-ke sengiyabona lapha ukuthi lapho amathunzi okuhlwa eqala ukuwa, nemisebenzi yosuku yase iphelile khona-ke bonke babuthana kulendawo ethize ababezo kuba nalelibhola noma iphathi. Futhi yilokho nje cishe konke ababekukhathalele. Futhi lokho kucishe kube yikho konke abantu abaningi abakukhathalele namhlanje.

35 Kodwa sengathi ngiyabona lowomlindi wathola iqembu elincane elalizomkholwa futhi laphuma lapho. Ngijabula kakhulu kulobubusuku, ukuthi sine, namanje, abanye abalindi bangempela olungiselela iqembu ukuphuma lapha ngolunye lwalezizinsuku, ngoba inkathazo iyeza, ilungiselela, ngokuba kunenkathazo esondelayo, nabalindi abathembekile, abaqapha ifa lezimvu zikaNkulunkulu, bezixwayisa, "Lungelani ukubaleka, ngokuba kuyoba yisikhathi lapho kungekho namunye oyophunyuka."

36 Awusoze wakwazi ukuphunyuka emabhomini ehayidrojini ne-oksijini ngenkathi eshaya isizwe. Yinye kuphela indlela yokuphunyuka, lokho ngukuphuma kuyo ngqo, yinye kuphela into engakukhipha, lokho ngamandla okuvuka kukaJesu Kristu, asikhiphe kukho, senyuke, siphume ekukuzweni, siphume ekukuboneni.

37 Futhi njengoba, mhlawumbe ibhola liqale kahle, namanenekazi aqala ukudansa namadoda, na—nabesifazane abashadile nomyeni womunye wesifazane othize, futhi ngapha nangapha, neziphuzo zedluliswa, futhi bonke babene—nesikhathi esimnandi. Bese kuthi-ke, mhlampe, mhlawumbe omunye onjengesimodeni, usomahlaya waseHollywood, noma abalingisi betelevishini, basukuma base beqala ukuqhulula uhlobo oluthile lwamahlaya ngendoda embhoshongweni, "Nikuzwile lokho namhlanje na?"

38 Awu, basho nje leyonto efanayo namhlanje, akukho-mehluko. Udeveli njalo uthatha umuntu wakhe, kodwa neze umoya, uphila komunye umuntu; uNkulunkulu uthatha

umuntu waKhe, kodwa neze umoya, uyehla, uphila komunye umuntu. Ngakho imimoya efanayo isekhona nanamhlanje, asiphuphuthekile kulezizinto. Futhi bekungaba kuhle ukuba besingalalela iPhimbo laLowo osembhoshongweni, uMoya oNgcwele osixwayisayo, "Balekelani ulaka oluzayo. Lungelani, ngoba ihora liyasondela."

39 Futhi khona phakathi nendawo, njengelikhulu leNkosi uNebukadinezari, idili lokudakwa, sithola ukuthi ngenkathi babe, abalingisi babeqhubeka nokuzijabulisa kwabo, nabantu abanomqondo wenjabulo bengathathi ukuphila ngobuqotho, khona manjalo, abaqaphi banqunywa esangweni, futhi phakathi kwaphuthuma amasosha, amadoda emikhonto, amadoda eminsalo, amadoda ezindwayimane, amadoda ezinkemba, izinqola zigijima phezu komuzi, nasegumbini lokudlalela. Nezintombi zadlwengulwa, omama, abalindele, wa, agembula ngobulili bomntwana obebuyoba yibo, futhi bahlukaniswa bavuleka besaphila, namakhanda ezingane aqhunyiswa odongeni, namadoda abulawa ngokuceka phakathi kwabo, futhi kwase kuphelile. Ngoba behluleka ukuqonda futhi bathathe isexwayiso sephimbo lomlindi.

40 UNkulunkulu wathi eBhayibhelini, "Uqaphele umhlambi uMoya oNgcwele akwenze umlindi wawo. Qiniseka ukuthi bondliwa ngokuDla okufanele, belungiselela ukufika kweNkosi."

41 O, kwakudabukisa kanjani ngenkathi lokho kumemeza okukhulu kwaphakathi nobusuku kufika futhi kwase kuphelile! Kungikhumbuza ngendaba engayifunda eminyakeni ethile edlule ngomhlwayi e-Arizona. Wayengomunye walabobantu abanomqondo wegolide, futhi wayefuna ukuceba khona manjalo, ngakho-ke uya ogwadule ukuyohlwaya. Ngenkathi esahlwaya, indaba ithi wa—wathola isidleke esikhulu sezigaxa, futhi nje ngobusuku obubodwa waba ngusozigidi namasaka agcwele igolide.

42 Futhi wapakisha embongolweni yakhe yokulayisha, futhi yena, nembongolo yakhe yokulayisha, nenja ethembekile waqala ukubuyela empucukweni nomjuluko undiza ebusweni bakhe, amehlo akhe ebenyezela, futhi esendleleni yakhe ukuba abe nesikhathi esimnandi impilo yakhe yonke.

43 Ngakho, ngenkathi esondela endaweni yakhe lapho isiphetho sakhe sasiyoba khona, sasizoba khona, bathi kwakukhona omdala, umjondolo owawushiyiwe, futhi wangena kulomjondolo, wayesebeka imali phezu kwetafula ngasekhandleleni elincane, likagrisi, futhi wayebuka phezu kwezigaxa, wayengazi nhlobo ukuthi kwakunamehlo ambhekile. Futhi ngokuqhubeka cishe ngesikhathi acambalala phansi ngaso wayeselala, ngani, waqala ukuyolala, inja endala ethembekile iqala ukukhonkotha.

44 Futhi wayelele emqamelweni wakhe ecabanga, "O, kusasa ngizoshintsha lezi zigaxa zibe yimali! Futhi ngizothenga izimoto ezinkulu, futhi ngizophuza iwiski emnandi, ngizokwenza zonke lezizinto, futhi ngibe nesikhathi esimnandi, futhi ngizoya kuwo wonke umdanso," nakho konke abeyokwenza, ephupha emini lokho.

45 Nenja yakhe yayilokhu ikhonkotha, ikhonkotha le. Waya emnyango, wayesevula umnyango, wayesethi, "Thula!" Nenja yanswininiza, yayiboshelwe ngentambo, futhi yazama ukuxwayisa inkosi yayo. Kodwa wabuyela emuva futhi wayesecambalala embhedeni wakhe, futhi yaphinda, inja yaqala ukukhonkotha futhi.

46 Futhi wayeyibiza izikhathi ngezikhathi, "Thula! Angifuni ukukuzwa! Ngifuna iphupho elithandekayo kulobubusuku lezikhathi ezimnandi engizoba nazo kusasa lapho sengishintsha igolide lami libe yimali."

47 Futhi ekugcineni, inja yakhonkotha futhi, uyathukuthela, wafinyelela ekhoneni futhi wathola isibhamu ingebe esinemibhobho emibili, waya emnyango nazo zombili izingcipho zihlehlile, wase edubula inja yawa yafa. Wathi, "Lokho kuzokunakekela. Ngeke ngisakudinga, empeleni." Wabeka isibhamu phansi, futhi walala phansi embhedeni, futhi wasonga izandla zakhe enephupho lakhe, futhi wazumeka.

48 Esikhashaneni esincane nje, umnyango wavuleka kalula, othile wanyelela wanqamula kwiphansi lendlu, wase egxumeka u—ummese osankemba esifubeni sakhe, wayesethatha igolide, futhi wahamba nalo. O, wenzani na? Wabulala iphimbo elalimexwayisa! Lokho makungabi yisinqumo sethu.

49 O, leloPhimbo likaMoya oNgcwele elixwayisa iBandla, usuku nosuku, njengoba sibona ukusondela kweNkosi, masingathulisi leloPhimbo ngokuLishaya indiva nokuLixosha, kodwa asinake isexwayiso eLisinika sona. UNkulunkulu unabalindi phezu kwefa laKhe.

50 Ngikhumbula u 1933, Agasti ziyi 16 ngelesibili nqo ntambama, ngiqonde uJuni ziyi 16 ngelesibili nqo ntambama. Ngangisanda kugcotshwa nje ngibe ngumfundisi weMissionary Baptisti, futhi ngangibambe imvuselelo yami yokuqala lapho abantu abayizinkulungwane ezintathu nento bethamela khona. Kwase kuthi-ke, ngaleyontambama, ngangibhaphathiza abaphendukile abangamakhulu amahlanu o—ogwini lomfula phansi kweSitaladi uSpring eJeffersonville, e-Indiana, lapho engihlala khona. Futhi abathwebuli bezithombe bamaphephandaba wayephumile, nabaningi babantu bebandla, kwakukhona cishe abantu abayizinkulungwane eziyisikhombisa noma eziyisishiyagalombili ogwini.

51 Futhi ngaphuma ngangena emanzini, futhi bona, ikhwaya yayicula leloculo elidala elikhulu leBandla:

Ngimi ezingwini zaseJordani ezineziphepho,
Futhi ngiphonsa iso lokufisa,
Ezweni laseKhanani elihle nelijabulisayo,
Lapho ingcebo yami ilele khona.

52 Cishe umuntu weshumi nesikhombisa noma weshumi nesishiyagalombili abadikoni nabaphatheli abaholela emanzini kwakungumfo osemncane ogama linguColvin. Zonke izibhakabhaka zaziyithusi, ummbila wonke wawubunile, sasingazange sibe nemvula amaviki amathathu noma ngaphezulu. O, kwakungukuhlupheka, izitshalo zazinjalo. Nesibhakabhaka sasinjengethusi.

53 Futhi ngathatha lomfo osemncane, ngase ngithi kuye, "Uyakholwa yiNkosi uJesu, futhi ngabe uMamukele njengoMsindisi oqondene nawe na?"

Wathi, "Ngimamukele, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Ngikubonile e-altare ngobunye ubusuku. Manje, uqinisekile ngalokhu, nsizwa na?"

Wathi, "Ngiqinisekile."

54 Ngakho manje-ke, ngambamba ngesandla, ngase ngibhekisa ubuso bakhe osebeni, futhi ngamemezela igama lakhe, futhi ngacela uNkulunkulu ukuthi Uyobusisa impilo yakhe. Futhi ngangilungele nje ukumbhaphathiza, ngenkathi ngizwa Into ethize ithi, "Bheka phezulu!"

55 Awu, ngesaba, ngacabanga ukuthi omunye osebeni wayekusho, ngangingumshumayeli ongumfana nje. Ngangingakaze ngishade ngaleso sikhathi, owayezoba ngunkosikazi wayethatha izithombe osebeni, okungumama wendodana yami uBilly.

56 Ngase ngikuzwa futhi, futhi kwaze kwafika kokwesithathu, kwathi, "Bheka phezulu!" Futhi ngenkathi ngibheka phezulu ngasemazulwini, indawo ethi ayibe ngamafidi-sikwele ayishumi kwakubukeka njengamanzi ezibhakabhakeni eziluhlaza ehambahamba. Futhi kulokho okufana namanzi aluhlaza, kwavela ukuKhanya kwehla kuvela eZulwini. Abantu baqala ukudazuluka, abaningi baquleka.

57 NePhimbo lathi, "NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ngaphambili ukwexwayisa abantu ngokuFika kokuqala kukaKristu, inkonzo yakho izobexwayisa ngokuFika kwesibili, emhlabeni jikelele."

58 Futhi masinyane emva kwalokho, kusobala leyondatshana yaya kwi-Associated Press yangena eCanada, nakuyo yonke indawo. Futhi kufezekile. Kulowo ovuselelwe kukhuphuka u-Oral Roberts nabo bonke abanye, nemvuselelo ishanele emhlabeni jikelele futhi isalokhu ihamba.

59 Ngakho-ke ngiyezwa ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu, namhlanje, unguMlindi ofanayo owayesembhoshongweni

ekuqaleni, UseyiPhimbo elixwayisayo likhuluma, "Zilungiselele ukuhlangana noNkulunkulu wakho."

60 Njalo lapho ubona izinwele ezimpunga, kuyisibonakaliso sokuthi ufanele uhlangane noNkulunkulu; njalo lapho uzwa i-ambulensi yehla ngesitaladi, kuyisibonakaliso sokuthi ufanele uhlangane noNkulunkulu; njalo lapho wedlula emathuneni, kuyisibonakaliso sokuthi ufanele uhlangane noNkulunkulu. Ufanele uhlangane naYe ngesinye isikhathi noma esinye, lungiselelani manje, ngokuba ihora liyasondela.

61 Umlindi, yini, yena, okwakuyimisebenzi yomlindi eTestamenteni eLidala na? Umlindi wayengumuntu owenyukela embhoshongweni womuzi, phezulu le. Wayephakeme kunabo bonke abahamba ngezinyawo, ngoba kwakuyisikhundla sakhe. Manje, ukuze lendoda ikhuphukele lapho, ifanele ibe nokuhle, ukuqonda okucacile, futhi ifanele ibe namehlo amahle. Ifanele iqaphele, ifanele yazi izinkanyezi, futhi izimfanelo eziningi zazifanele zibe ngaphambi kokuba ibe ngumlindi ofanele.

62 Futhi ngiyesaba namhlanje, ukuthi sifaka abanye abalindi abebengekwazi ukubona kude kakhulu, o, abakwazanga ukubona yonke lenhlekelele ezayo, ukuxwayisa abantu. Khona-ke, ongenamfanelo, umlindi ngokushesha uzobhubhisa umuzi, ngoba umuzi wonke wawuthembele kumlindi.

63 Abalindi bakaNkulunkulu, njengabaKhe nje. . . EBhayibhelini abaprofethi baKhe wayethathwa njengezinkozi. Ukhozi, ukuthi belungaba kanjani, belungakhwela phezulu kunanoma iyiphi enye inyoni. Uklebe uzama ukulandela ukhozi ubuyovele nje ubuthuke emoyeni. Ubungasoze wafika lapho, ngoba ukhozi luyinyoni eyakhiwe ngokukhethekile ngaleyonhloso. Uma lwalungenjalo, ngenkathi lukhuphuka, izimpaphe zalo zaziyowa kulo. Wake wazama ukudonsa izimpaphe ziphume ephikweni lokhozi na? O, zinkulu, izimpaphe eziqinile, ngoba zithwala amachwane azo kulezizimpaphe, futhi afanele abe phezulu le. Futhi ayahamba. . .

64 Futhi bekuyomsiza ngani ukwenyuka uma engakwazi ukuba nokubona ukubona kude le na? Yilokho engikucabangayo namhlanje. Uma sifundisa abefundisi bethu, kusiza ngani ukubafundisa uma bengenakho ukubona okungokomoya ukubona kude le, ukuza, nokuxwayisa ngengozi na? Kufana nje nokunikeza inyoni yakho engumzwilili amavithamini amahle ukwenza izimpaphe ezinhle zamaphiko, kanjalonjalo, bese-ke uyigcina esibiyelweni. Kusiza ngani ukuyinika amavithamini na? Kusiza ngani ukufunda ngoNkulunkulu *owayekhona*, uma Engesuye namhlanje na? Kusiza ngani ukufunda iBhayibheli uma sizowaphika onke amandla aLo na? Sifanele sikuhlomele okunjalo.

65 Lendoda yasembhoshongweni, yakhuphuka, kwase kuthi-ke uma kwenzeka noma yini, yayifanele ukwexwayisa abantu nganoma iyiphi ingozi esondelayo. Sibona iNkosi yethu uJesu ngenkathi Ilapha emhlabeni, YayinguMlindi omkhulu wehora. Futhi siyaqaphela ukuthi ohambweni lwaKhe lwasemhlabeni Wakhuluma kakhulu ngokuFika kwaKhe kwesibili kunoma Enza ngokumuka kwaKhe. Washo kakhulu ngokuFika kwaKhe kwesibili, izikhathi eziningi kakhulu, kunoma Enza ngokumuka kwaKhe. Khona impela emathunzini esiphambano, Wayelokhu ekhuluma ngokuFika kwaKhe kwesibili, futhi exwayisa abantu ukuthi kuyokwenzekani ngaphambi nje kokuFika kwaKhe kwesibili. WayenguMlindi, WayeyiNhloko yabalindi.

66 Bese kuthi-ke, uma sibona ukuthi lokho kwakukukhulu kakhulu kuYe, nje emathunzini esiphambano, ukukukhipha lokho nokukhuluma ngokuFika kwaKhe, besifanele sibe hlobo luni lwabantu manje lapho sibona lezozinto Akhuluma ngazo zifezeka na? uma kwakukukhulu kakhulu ngangokuthi ngisho nokubethelwa kwaKhe, nokuhlupheka kwaKhe, nayo yonke into kwakusho kakhulu njengoba kwenza, kodwa, nokho, ukuFika kwaKhe kwesibili kwakukukhulu kakhulu, waze Wakushaya indiva ukubethelwa kwaKhe, futhi wexwayisa abantu ngokuFika kwaKhe.

67 Ake sizwe ezinye zezinto Azisho: Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," Wathi, "ngokuba ezinsukwini zangaphambi kukazamcolo, babedla, bephuza, beganwa, bendiswa, futhi abakwazanga kwaze kwaba lusuku uNowa angena ngalo emkhunjini, nezwe lonke labhujiswa."

68 "Abakwazanga." Abakwazanga ngani na? Yingoba behluleka ukuzwa iphimbo likaNowa eliyisixwayiso, futhi bambiza ngohlanya, ngoba wayenoMlayezo weqiniso kaNkulunkulu, kwakungaphezu kwemvelo. Lalingakaze line, uNkulunkulu wanisela izimila ngomhlaba, kodwa uNowa wathi, "Kukhona imvula ezayo, futhi konke okungekho kulomkhumbi kuzobhubha." Wama emnyango womkhumbi futhi wamemezela umlayezo wembubhiso, futhi wahlekwa, futhi wahlekwa usulu, futhi kwahlekiswa ngaye.

69 Namhlanje isiThunywa seqiniso sesivumelwano simi eMnyango, uJesu onguMnyango wensindiso, noMnyango kuphela, futhi uzisho ukuthi Uyiyona ndlela kuphela yokuphunyuka, ngaphambi nje kwezahlulelo.

70 Nabantu abathi . . . Kwakukhona abahleka usulu ngalolosuku, futhi kuyobakhona abahleki abahleka usulu ngalolusuku. Futhi babehlanyiswa yinjabulo kanjani! Niyabona ukuthi izwe liyini namhlanje: lihlanyiswa injabulo. Wathi kuyobakhona, ulwandle luyoduma, kubukeni namhlanje, amagagasi amakhulu, akukaze kuzwiwe ngawo ngaphambilini

emlandweni, nanka afohla ezingwini futhi ebulala abantu. Ukuzamazama komhlaba ezindaweni ngezindawo, anginazo nje izibalo ezifanele, kodwa ngiyakhohlwa ukuthi ukuzamazama komhlaba sekufike kangakanani endaweni lapho khona njalo ngamahora *amaningi kangaka*, kukhona ukuzamazama komhlaba *okuningi kangaka* emhlabeni wonke jikelele, kuza nje ngaso sonke isikhathi, ngokuba igobolondo elincane esiphila ngalo liya ngokuncipha futhi lincipha ngaso sonke isikhathi.

71 Nabantu baqhubeka ngqo bephila, bethi, "Ayikho into okuthiwa yisihogo," babuka phezulu ebusweni bukaNkulunkulu, futhi baphike ukuthi ikhona into enjengesihogo, futhi behlezi ebhodweni laso. Izintabamlilo ezibilayo, nomhlaba wonke uphumile emgudwini, isayense ithi umhlaba, phandle olwandle, kuya ngokungajuli kakhulu, eNorth Pole kuya ngokujula, ngoba umhlaba uyasabalala. O, sekuthi nje awulungele ukukhululwa. Futhi abantu babona lezizinto . . .

72 Futhi Wathi kuyobakhona isiyaluyalu ngezinsuku zokugcina, akukho-kuthula, kungahlaliseki. Bukani namhlanje, kuzo zonke izizwe zesabela ukufa. Umsakazo nezikrini zethelevishini zibekwe yonke indawo, ngi . . . kwe, ngiqonde ukuthi, izikrini zerada zibekwe yonke indawo, zibheke ndawondawo ukuba umcibisholo udedelwe. Futhi umcibisholo ojikijelwayo wokuqala uyadedeleka, kuzoba ukuqhuma kuyo yonke indawo, ngoba zonke izizwe zilungele. Izizwe ezincane ngeke zisashaywa indiva nhobo, ngoba zinento efanayo izizwe ezinkulu ezinayo, futhi ngamadoda angamesabi uNkulunkulu, nezizwe ezingamesabi uNkulunkulu. Futhi kuyokwenzekani na?

73 Bekungenzekani uma owodwa ubungabaleka ngephutha na? Uqala ukundiza, uyodlula kwesinye salezozikrini zerada, mfowethu, bayovele baqale nje ukudonsa izingcipho, nemicibisholo ejikijelwayo iyobe ihamba. Niyifundile ekaTommy Hicks i *March Of Time*, lapho eyayinalesosithombe sayo yonke leyomicibisholo ejikijelwayo ibekwe amamayela, ilungele, icushiwe kuwo wonke umhlaba na? Ezinye izizwe zinemicibisholo ejikijelwayo ebekiwe, eqeqeshiwe kuwo wonke umhlaba, futhi ngolunye lwalezizinsuku kukhona okuzokwenzeka, futhi bonke bazodedelwa ngesikhathi esifanayo. Kuzokwenzekani na? Izwe belingeke likumele. "Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?" Ngabe ihora namhlanje na? Sikhathi sini sobusuku na?

74 Ubona lezizinto zenzeka, o, sikudinga kanjani namhlanje ukuphaphama, imvuselelo yokuphaphama, kodwa singeke saba nayo, ngoba lelohora seliphile ledlula, izizwe zonile zasuka osukwini lwazo lomusa. Angikholwa ukuthi asisoze saba nenkulu, imvuselelo yomhlaba wonke futhi, iyoba phakathi

kwamaJuda, kodwa ayisekho eyabeZizwe, akukho-mBhalo wakho.

75 Futhi eziningi zezinto enizibheke ngabomvu zethenjiswa amaJuda emva kokuba iBandla seliye eKhaya, ngakho sibheke ukuFika kukaMesiya noma ngasiphi isikhathi. Asazi nje sikhathi sini okuyokwenzeka ngaso, kodwa kusifanele ukuba silungele futhi silalela iPhimbo eliyisixwayiso. O, ngimbonga kanjani uNkulunkulu ngobubele baKhe nenhlanganyelo yaKhe!

76 Ya, izinto ezibonwayo ezesabekayo, ukubhonga kolwandle, izinhliziyo zamadoda zehlulwa ukwesaba, ukudideka kwezikhathi, usizi phakathi kwezizwe, zonke lezizinto zazizokwenzeka, futhi sinakho. Futhi Wathi, "Ibandla liyoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu," qalaza ngakuwe, "abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebi, abangenabumnene, nabazonda abalungileyo. Abahleki abahleka usulu!" O, lalelani uMoya oNgcwele usembhoshongweni wenkazimulo kulobubusuku, ukusakaza ngamandla akhazimulayo okuvuka kuyo yonke inhliziyo yekholwa. Lungelani, ngokuba ihora seliseduze. "Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu."

77 Manje, sifundisa manje ukuthi izwe lizoba yini: ukuthula okungazinzile, isizwe sivukela isizwe, umbuso uvukela umbuso, zonke lezizinto zazizokwenzeka ezweni, futhi siyakubona, abantu abahlanyiswa yinjabulo, abantu ababengamthandi uNkulunkulu, ababethanda injabulo kunoNkulunkulu, futhi nokho babeyoba nesimo sokumesaba uNkulunkulu, kodwa bayowaphika amandla akho, labo-ke wobafulathela!

78 Isimo senkolo, sizibiza ngesizwe esikholwayo, sinesimo sokumesaba uNkulunkulu, kodwa siyowaphika amandla akho. Amandla akho ani na? Amandla kaNkulunkulu! Yini amandla kaNkulunkulu na? Ngukuvuka kukaJesu Kristu, ukuthi uNkulunkulu waMkhipha ethuneni, futhi uMethula, kulobubusuku, ephila phakathi kwethu. Amandla kaNkulunkulu, impela.

79 Manje, eBandleni Wathi, "Uzothola isexwayiso: Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma—ngemihla yaseSodoma neGomora, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

80 Wathi kuyobakhona into ethize eyenzeka ngaphambi nje kokufika kweNdodana kaNkulunkulu. Njengoba kwenzeka ku-Abrahama phezulu lapho, nasezansi noLoti, ukuthi labobefundisi behla kanjani futhi bashumayela ukuphenduka kuLoti, noLoti wazama ukubangela abantwana bakhe ukuba baphenduke, nabathandekayo bakhe, futhi bamhleka futhi bahlekisa ngaye.

81 "Manje, Loti, uthe zonke izinsuku zezimangaliso selwedlule, futhi nakhu ufika namhlanje uthi kungcono sibaleke emzini." Bamhleka, njengoba omunye wayexoxa uhlobo oluthile lwendaba.

82 Kuyilokho-ke namhlanje. Ngiyehluka kuMfowethu David ngenkathi ethi ibandla eligcina umthetho ngegama liyovuselelwa futhi. Qhabo, mnumzane. Bebengeke neze bakumele, qhabo. Ungahle ubeke umshumayeli abe ngumongameli kuzo zonke izifundazwe kulesisizwe, nabantu babeyohamba ngokuxhamazela njengoba nje befuna ukuhamba. Bangeke bakulalele nhlobo. Awukwazi . . .

Umama wami wayevame ukuba nesidala, isaga saseningizimu: Ungaholela umnyuzi emanzini, kodwa awukwazi ukuwenza uphuze. Noma ubani . . .

83 Umnyuzi, leso yisilwane esihlazisa kakhulu engisaziyo. Umnyuzi ungenye nje yezinto ezinenkani kakhulu nengazi lutho engake ngayibona. Futhi ungawubiza, uzovele ume futhi ukugqolozele, futhi wena uthi, "Woza lapha, mfana." Futhi uzomisa lawomadlebe amakhulu futhi ubuke nje. Khuluma nawo, futhi uwutshele iqiniso, uzolinda futhi uthole ithuba, uma ufa, ukuba ukukhahlele. Kunjalo. A—awunamqondo nje.

84 Futhi kungaleyondlela nje ngenqwaba yabantu namhlanje. Ungakhuluma nabo ngokuFika kweNkosi, bamisa izindlebe zabo futhi bakugqolozele, bengazi lutho ngalokho okhuluma ngakho kunoma umnyuzi wazi. Kunjalo impela.

85 Niyazi ukuthi kungani umnyuzi ungakwazi ukuqonda na? Awusuye owohlobo. UNkulunkulu akazange awudale umnyuzi, lelo kwakuyiphutha lomuntu. Umuntu wazalanisa okubili ndawonye. Umnyuzi ungeke uphinde uzale futhi ube nomunye umnyuzi. Kuthatha ihhashi lensikazi, noma, ne—nembongolo encane ukwenza *lokho*. Futhi angeke uzixubanise ubuyele emuva, usephelile. Awuyazi inzalo yawo, awazi ukuthi kuphi lapho wona . . . awazi ukuthi ubani ubabayi wawo nomama.

86 Futhi kungaleyondlela ngenqwaba yalababantu abazibiza ngamaKristu namhlanje, abasibo abohlobo, abazi ukuthi kusho ukuthini, basonta ebandleni, kodwa abazi ukuthi ubani ubaba wabo nomama.

87 Ngizokutshela, kumnandi kakhulu ukuba nelangempela, elihle, ihhashi lohlobo, limnene, linomusa, liyenyuka futhi likuhlikihle, nakho konke. Nowangempela, umKristu wohlobo, ozelwe nguMoya oNgcwele, uyazi ukuthi bakhuluma ngani. Bayazi ukuthi uBaba noMama ungubani, bayazi ukuthi bazalwa nguMoya oNgcwele, bayazi ukuthi benzeni. Ungakhuluma nabo, banomqondo wokulalela.

88 Omunye umisa izindlebe zakhe, ethi, "*O*, *o*! Izinsuku zezimangaliso selwedlule. *O, o!* Ayikho into

okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Uklewule njengembongolo! Kunjalo. Kodwa ihhashi liyaqonda.

89 Manje, wusuku esiphila kulo. "Futhi mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?" Wathi kuyobakhona isikhathi ukuthi kuyoba njengoba kwakunjalo eSodoma naseGomora.

90 Manje, u-Isaya wayengaphumile enqubweni, U-Isaya wayenqubweni kaNkulunkulu ngenkathi ethi, "Ubusuku buyeza, futhi . . . Ukusa kuyeza, nobusuku futhi. Ukusa kuyeza, kodwa nobusuku buyeza futhi." Manje, sonke siyakwazi lokho nge—ngelanga lishiya umhlaba lishiya inyanga ukuba inakekele. Inyanga ikhanya ilanga lingekho, ngoba ukukhanya esihamba kukho kungukukhanya kwelanga okukhanye enyangeni.

91 Manje, yilokho iBandla elifanele likwenze: ukubonakalisa uBukhona bukaNkulunkulu ngenkathi iNdodana isahambile. Bese kuthi lapho ilanga liphuma, inyanga isihambile. Kodwa ngaphambi nje kokusa, senake naqaphela na? Inyanga iphaphatheka ngempela, futhi iyacima. Futhi ngiyanitshela, ibandla selivele liphaphathekile, isifo sokuphaphatheka kwegazi. Isukile eGazini, yasuka ensindisweni, noMoya oNgcwele, nokufundisa kweZwi, futhi seyiphaphathekelwe yigazi.

92 Lishona phansi, manje-ke kwenzekani na? Ilanga liyasondela, khona-ke ihora elimnyama kunawo wonke lobusuku lingaphambi nje kokusa. Isayense ithi ngubusuku, ilanga liyasondela, licindezela, liza, futhi licindezela, lijiyisa ubusuku ndawonye, ngoba buyazi ukuthi bunesikhashana nje nemini izosa. Futhi ngaphambi nje kokusa, kuphumani na? Inkanyezi yokusa. Isho ukuthini inkanyezi yokusa na? Imi yodwa, ingumlindi kaNkulunkulu, imi embhoshongweni yodwa, zonke ezinye izinkanyezi sezifiphele, inyanga ayisekho. Futhi ngaphambi nje kokusa, ilanga liqala ukukhanya libhekene naleyonkanyezi yokusa, futhi kubonakalisa ukukhanya kweqiniso kwelanga leqiniso eselithi nje alilungele ukukhanya.

93 Kuyini na? INkanyezi yokusa, iBandla likaNkulunkulu ophilayo namhlanje, EnguMlindi embhoshongweni exwayisa izizwe nabantu. Imi yodwa, indoda emele uNkulunkulu, imi yodwa. Kodwa Yenzani na? Ibonakalisa ukuKhanya okufanayo kweNdodana okwehla eminyakeni edlule, futhi iyavuka futhi.

94 Iyini leyonkonzo yeBandla leqiniso na? Inkonzo yaleloBandla izoba yinkonzo yeNdodana, ngoba Lingukubonakaliswa kwamandla eNdodana afanayo, nokuKhanya kweNdodana okufanayo, ukuthi izwe lizokwazi lapho iNdodana iphakama, ukuthi Kuyobukeka kanjani. O, okweBandla namhlanje, omunye ozoma embhoshongweni! "Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?"

95 Inkanyezi yokusa iyakhanya, isilungele ukubonakalisa ukukhanya ilanga elikhanya phezu kwenkanyezi. Manje,

akusilo ibandla, akusuye umuntu, yilanga elibonakalisa enkanyezini ebonakalisa ukukhanya kwelanga emhlabeni. Manje, akusilo iBandla, nguMoya oNgcwele, ukufika kweNdodana kaNkulunkulu ebonakalisa eBandleni efakazisa amandla aKhe. Yenza into efanayo impela, inkonzo efanayo Eyayenza ngenkathi Ishiya umhlaba, Ilapha kulobubusuku yenza into efanayo, ibonakalisa ukuFika kwaYo! Ibonakalisa ini na? Hhayi ukuphaphatheka kwenyanga, kodwa ibonakalisa izibonakaliso ezifanayo. Kwenzekani na? Hhayi inyanga, inkanyezi, inkanyezi yokusa ihalalisa ukufika kwelanga.

96 O, nina zinkanyezi zokusa, phakamani nikhanye! Sekuyisikhathi sokukhanya, ukuFika kweNkosi sekuseduze. Ebonakalisa uBukhona baKhe, ebonakalisa iNdodana ezayo, enikeza izibonakaliso ezifanayo, uJesu wathi kwakunjalo, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyoba yinto efanayo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Inkonzo efanayo iNdodana eyashona phansi kuyo, lokho kuKhanya okufanayo Eyehlela kukho, kuyeza futhi ngamandla okuvuka, neNkanyezi yoKusa ibonakalisa lokho kuKhanya. Khona-ke siyamemeza, "Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?" Haleluya!

97 "Ukusa kuyeza, nobusuku futhi." Manje sisesikhathini esimnyama, uNyaka weBandla laseLawodikeya, amadoda, asivivi, engakwazi ukumela izinto zikaNkulunkulu, ayazihoxisa, ehlukanisa, njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa. Kodwa iNkanyezi yoKusa ikhanya ngqo, ngokufanayo nje, amandla kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele.

98 UJesu wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza; emikhulu kunalo niyakuyenza, ngoba Ngiya kuBaba waMi." Wethembisa amandla. Wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona," kuzoba mnyama, "kodwa niyoNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe." Khona-ke ukuKhanya kukaNkulunkulu kuyobonakaliswa eBandleni laKhe, futhi kunamandla kakhulu kunanini ngaphambili, ngaphambi nje kokufika kweNkosi uJesu. "Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?"

Njengoba ukuFika kweNkosi kusondela:

> Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
> Izibonakaliso iBhayibheli elazibikezelayo;
> Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okuthiyayo;
> "Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."
>
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,
> Azisoze zedlula!
>
> Ungafisi ingcebo yalelizwe eyize,
> Okubola ngokushesha okukhulu,
> Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,

Azisoze zedlula!
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!
Uma ushiwe ngabangane basemhlabeni,
Yiba usalokhu usondele kakhulu kuYe ubambelele!

99 Siphila ezinsukwini zokugcina. LoMlayezo iNkosi eyanginika wona emfuleni ukuba ngiwuthumele emhlabeni wonke, YaWandulela ngokuWufaka kuwo onke amaphephandaba kwi-Associated Press: *UkuKhanya Okufihlakele Kuvela Phezu kukaMfundisi; IPhimbo Likhuluma Livela EkuKhanyeni.* Futhi manje, njengasemhlabeni wonke, isibonakaliso emva kwesibonakaliso, isimanga emva kwesimangaliso, akwehluleki nakanye. Ngokuphelele, izinkulungwane, amashumi ezinkulungwane, izikhathi ezingamakhulu ezinkulungwane kwenzeke ngaphandle kokwehluleka okukodwa, noma kuphi. Izwe lesayense lathatha isithombe saKho. Kuyini na? YiNsika yoMlilo enkulu. Yiphi yona iNsika yoMlilo na? Leyo eyahola abantwana bakwa-Israyeli bedabula ehlane.

100 Manje, uma noma yini inemvelo iyothela imvelo yayo kumuntu. Manje, ngenkathi leNsika yoMlilo yenziwa inyama futhi yakha phakathi kwethu, ngenkathi uNkulunkulu enziwa inyama eNdodaneni yaKhe, uKristu Jesu, sonke siyazi ukuthi WayenguNkulunkulu, manje qaphelani, ngenkathi Elapha emhlabeni, bukani inkonzo Ayenayo ngenkathi Ezungeza.

101 Manje, bathi, "O, uqonde ukungitshela ukuthi u-Abrahama ulubonile usuku lwakho na? Futhi wena u, nokho, awukabi neminyaka engamashumi amahlanu ubudala, futhi wabona u-Abrahama na?"

102 Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Kwakungubani u NGIKHONA na? KwakuyileyoNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli, eyayisesihlahleni esivuthayo ikhuluma noMose. Yebo. "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA."

103 Manje bukani imisebenzi Ayenzayo. Manje, Wathi, "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe. Nemisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza."

104 Izwe, ibandla, i—ibandla *elibizwa kanjalo*, nezwe elingaphandle, abayikukubona, bathi, "Akukho lutho kulokho, ningalukholwa lolohlobo lwezinto. Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ayikho into okuthiwa ngukukhuluma ngezilimi, ayikho into okuthiwa iziphiwo zesiprofetho, konke lokhu kuphulukisa ngokukaNkulunkulu, lowo ngumbhedo, akunjalo."

105 Kodwa uNkulunkulu wethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi Uyothulula kokubili imvula yokuqala neyamuva phezu kweBandla laKhe. Izinsuku zabaprofethi, izinsuku zabaphostoli, Uyothulula kokubili izimvula zokuqala nezamuva ngezinsuku zokugcina, futhi sikutholile. INkosi ilapha, ikhombisa khona impela uJesu athi kuyokwenzeka ngaphambi kokufika kwaKhe. Ngezinsuku zokugcina, lezizinto ziyokwenzeka. Manje, siyakwazi lokho, siyakwazi lokho, siphila kulelohora lokusondela kweNkosi, sibona izibonakaliso zaYo yonke indawo.

106 Futhi uNkulunkulu, ngenkathi Ehla, wenziwa inyama, futhi wakha phakathi kwethu . . .

107 Wena uthi, "Awu, emva kokuba E—Eselapha emhlabeni na?"

108 Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu." Bangaki owaziyo ukuthi Wakusho lokho na? Impela, Wakusho. Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu."

109 Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa nokuvuka, uPawulu wayesendleleni yakhe ehlela eDamaseku, nokuKhanya okukhulu, iNsika yoMlilo, yahlangana naye endleleni, futhi yaphuphuthekisa amehlo akhe. Futhi wawela emhlabathini, futhi wezwa iPhimbo lithi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ungubani, Nkosi na?"

110 Wathi, "NginguJesu." Amen. INsika yoMlilo! Futhi lapha namhlanje, hhayi ngoba kwathathwa kanye nami, hhayi ngoba kwaze kwathathwa ngisho nakulelipulpiti kanye, hhayi ngoba kwathathwa, noma hhayi ngoba izwe lesayense liyakwazi, kodwa iBandla liyakwazi, leyoNsika yoMlilo ikanye neBandla namhlanje. Uma Leyo kuyiNsika yoMlilo efanayo khona-ke Izokwenza imisebenzi efanayo Ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni. Futhi ngenkathi Elapha, Wathi, "Angenzi lutho kuze kube . . . Ngibona uBaba ekwenza kuqala." Ngabe kunjalo na?

111 Watshela uFiliphu ukuthi wayekuphi ngaphansi ko—komkhiwane, Watshela uPetru ukuthi wayengubani igama lakhe, Watshela owesifazane emthonjeni ngezono zakhe, Washo zonke lezizinto ezehlukene, owesifazane wathinta ingubo yaKhe, Wabona ukuthi wayenokukholwa futhi wamtshela ukuthi isifo sakhe sasiphulukisiwe, lowoJesu ofanayo, lowoNkulunkulu ofanayo, ngemibukiso yesayense, sinaKho lapha esithombeni silenga eWashington, DC eHholo lezeNkolo lobuCiko, Isithombe kuphela sesayense esake sathathwa soBukhona obungaphezu kwemvelo. Amen!

112 Kukuphi na? Phakathi kwabantu bePentecostal. Kwenzani na? Kukhombisa iBandla lika-Abrahama, lelo yiBandla Okuya kulo, bonke abanye abayikuKwemukela. Kuyini na? "Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?" Uma Lokho kungukuKhanya

okufanayo, Kuyoveza umBhalo ofanayo, Kuyoveza izibonakaliso ezifanayo, Kuyoveza amandla afanayo, NguJesu Kristu ofanayo, onguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi siphila ngakho, futhi siyamangala, "Mlindi, sikhathi sini sobusuku na?" INkanyezi yoKusa iyakhanya phezu kwethu.

113 Ungakhi amathemba akho ezintweni zalelizwe, susani imiqondo yenu kulokhu. . . Uthi nje, "Awu, ngizokholwa ukuthi ngizophenya ikhasi elisha, futhi ngihambe ngijoyine ibandla."

114 Ungakwenzi lokho, zalwa ngokusha. Angikhathali ukuthi kwenzekani, ukuthi ulahlekelwa ngabangane abangaki, ukuthi umakhelwane wakho uthini ngakho. Ngani, bazokusho, noma kanjani. Noma yimuphi umuntu o. . . "Wonke ophila ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu uyakuzingelwa." Ngakho ungakunaki lokho, qhubeka nje, uthi, "Nkulunkulu, ngiphe uMoya oNgcwele phezu kwezinkundla *zaKho*, indlela *O*funa ngibe naWo ngayo, Uthululele phezu kwami, nginike ukukholwa, ngifuna ukukholwa. Ngifuna ukukholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, ngifuna ukukholelwa emandleni kaNkulunkulu." Futhi Uzokwenza.

115 Esikhathini esithile esedlule eLandani, eNgilandi nganginelincane, isosha laseLimey, lalingiyisa ngapha nangapha, lingikhombisa izinto ezehlukene, izindawo ezibukwayo ngenkathi silapho sivakashile. Kwase kuthi-ke lapho sesiphumele ezinkundleni ezithile, angisoze ngakukhohlwa, eNgilandi, eziQhingini zaseBrithani, zonke iziqephu ezincane zomhlabathi ziyathathwa, cishe, ngezindlu, isibalo sabantu sabo sikhulu kakhulu, futhi ngabona indawo enhle, o, yayinezabelo impela kuyo, phansi ngqo kweluhlaza okwesibhakabhaka enhle, indawo enotshani, nezihlahla zimi nxazonke, ngase ngithi, "Mnumzane, kungani abantu bengakhi izindlu lapha na?"

"O," wathi, "Mfundisi ohloniphekile uBranham, bebengeke, akekho, owakha indlu kuleyonkundla."

Awu, ngathi, "Ngani na?"

116 "Awu," wathi, "eminyakeni engamakhulu amabili edlule, kwakunenhlupho enkulu kulelizwe, yemfiva emnyama." Futhi wathi, "Abantu bafa njengezimpukane," wathi, "babadonsa ngemithwalo yezinqola, futhi babuya futhi bathatha okusele, futhi babuya. Futhi babengenaso ngisho nesikhathi sokubangcwaba, bavele bababeka phansi kulesisigodi, babanomkhosi, futhi nje babamboza. Futhi baqhubeka, futhi baqhubeka, futhi baqhubeka, kwaze kwathi izinkulungwane zafakwa kulesisigodi futhi zambelwa lapha." Wathi, "Babemboziwe bonke, imizimba yabo yonke ayisekho, kodwa leyomfiva yayiyinkulu kakhulu," wathi, "kuze kungabibikho iNgisi eliyoke lakhe indlu ezinkundleni zalapho leyonto yake yaba khona."

117 Ngacabanga, “Yebo, uqaphelisisa ukuthi ubeka kuphi eyakho encane, indawo yokuhlala yasemhlabeni lapha, kodwa lapho sekuza ensindisweni, uyokwakha indlu yakho kunoma yiluphi uhlobo lwesivumokholo esincane esidadlana, kumbe noma yini.”

118 Kungani unga...? Kufile, futhi kade kwafa kudala, “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika.” Awuwakhi ngani amathemba akho ezintweni zaPhakade na? Azisoze zedlula! Kwakhele ku “Kristu, iDwala eliqinile, ngimile; yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo.” Yakha phezu kweTshe eliphilayo, hhayi into efile futhi yakhishwa kuNkulunkulu eminyakeni edlule, yakha ithemba lakho entweni ethize manje, lapho uNkulunkulu ephila khona manje.

119 Njengoba ngashumayela esikhathini esingeside esedlule, ngikholwa ukuthi okokugcina lapha, phezu kokubuya kwendlovukazi yaseSheba, ukuthi kanjani ezansi kulelozwe elikhulu lapho eyayikhona, ngani, yathi, “Ngani, bonke labonkulunkulu esinabo ezansi lapha, sizwa ngabo, kodwa akekho noyedwa kubo ophilayo, abenzi lutho. Siyezwa enhla kwa-Israyeli, banoNkulunkulu phezulu lapho ohlala kumuntu ngqo, futhi unokwahlukanisa okunamandla, okungasho imicabango yenhliziyo, ukuhlakanipha namandla kaNkulunkulu anaye. Futhi uma lowoNkulunkulu engcono kunonkulunkulu wethu, ngifuna *lowo*Nkulunkulu, Lowo ophilayo!”

120 Kungaleyondlela ngami kulobubusuku, ngifuna uNkulunkulu onguNkulunkulu ophilayo, inkathi yamanje, manje! O, ngijabula kakhulu ukuthi Uphila kuze kube phakade. Ngibona ukusondela kwaKhe, ngibona isikhathi sivela ukuthi lapho Elungiselela ukuza emhlabeni, ngibona zonke izibonakaliso ezweni zikhomba emuva ngaleya, ukuthi enqubweni yezwe, izizwe zimelene nezizwe, ukuthi izwe lihamba kanjani, ukuthi bebeyoba kanjani nesimo sokumesaba uNkulunkulu, ngibona izwe, ngibona izizwe, ngibona ibandla *elibizwa kanjalo*, isimo sokumesaba uNkulunkulu, khona-ke ngibona iBandla eligcwaliswe ngoMoya nesibonakaliso saLo sibonakalisa ukufika kweNdodana, iNkanyezi yoKusa icima imisebe yayo. O, ngijabule kanjani! Ngiyajabula ukuthi uNkulunkulu uneBandla elingacima imisebe; ngukubonakalisa, vumela uKristu azibonakalise Yena uqobo kuwe.

121 Ezinsukwini zakudala ngenkathi benza igolide, umshayi wayeshaya igolide futhi ashaye akhiphe amanyela, waze wabona ukubonakaliswa kwakhe uqobo, khona-ke wazi ukuthi onke amanyela ayesephumile egolideni. Ngezinye izikhathi nithi ngishumayela kanzima kakhulu, ngidiliza abantu. Indoda yangitshela esikhathini esingeside esedlule, yathi, “Uzoyona

inkonzo yakho ngokusola izinto ngendlela owenza ngayo." Yathi, "Akenze omunye umuntu enze lokho."

122 Ngathi, "Ubani okwenzayo na?" Kunjalo. "Ubani ozokwenza na?" Kunjalo, ngathi, "Ngi—ngifuna uku. . ." Ngathi, "Ku. . .Ngi. . .Kungahle kubalimaze kancanyana manje, kodwa bazongibonga lapho lesosikhathi sifika."

123 Ingakwenza kanjani indoda eshumayela ngaphansi kokuphefumulelwa isho noma yini ngaphandle kwalokho okushiwo nguMoya oNgcwele kuyo na? Inkonzo encane iNkosi engiphe yona, ngifuna ukuyenza ibonakalise ukuPhila kukaJesu Kristu ngamandla ami onke, ivumela izibonakaliso zaKhe nezimangaliso zibonakaliswe. Yebo. Ngijabule endleleni, nakuba kukhathaza.

124 Ngiyakhumbula ngenkathi ngisengumqaphi wezinyamazane kahulumeni wase-Indiana, ngangivame ukuzulazula ezweni, kwakukhona isiphethu esidala ezansi le eningizimu ye-Indiana, ezansi eGreen, e, uMfula i-Indian. Ngangivamise ukuthanda ukuphuza kulesosiphethu esidala, mina, isizathu sokuba ngisithande, sasijabule kakhulu ngaso sonke isikhathi, ngangidlula kuleso siphethu, futhi nje siyothi *bhubhu*, *bhubhu*, *bhubhu*, *bhubhu*, *bhubhu*.

125 Ngacabanga, "Ujabule kakhulu, yini ekwenza ujabule kangaka na?" Ngathi, "Uyazi ukuthi kungani na? Yingoba, mhlawumbe, u—unogwaja uyadlula bese ephuza kuwe, nalokho kuyakujabulisa."

"Qhabo." Ukuba wawungakhuluma, ubuyothi, "Qhabo, qhabo, akusikho lokho, Mfowethu Branham."

Bengiyothi, "Awu, mhlawumbe yingoba izinkomo ziphuza kuwe."

"Qha, lokho akusikho okungenza ngiphuphume."

126 Bengiyothi, "Awu, mhlawumbe kungenxa yokuthi ngiphuza kuwe. Njalo lapho ngiza lapha, isikhathi sasebusika, ikwindla, intwasahlobo, ihlobo, uhlala njalo uthi *bhubhu*, *bhubhu*, *bhubhu*, nje ukhipha afreshi, amanzi abandayo ngaso sonke isikhathi." Ngithi, "Awu, yini ekwenza uphuphume khona-ke na?"

Ubuyothi, "Akumina engiphuphumayo, kuyinto ethize emva kwami, ingiphusha, ingenza ngiphuphume."

127 Futhi yileyondlela iBandla eliyiyo elizelwe nguMoya kaNkulunkulu, Ku*yinto ethize* emva kwabo, ibonakalisa uJesu Kristu. Amen. Hhayi lokho kuphuphuma, ku*yinto ethize* esemva kwaso isiphuphumisa, iphusha, iphakamisa izindumiso ezikhazimulayo eGameni laKhe, ingenamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu, ngokuba ngamandla kaNkulunkulu kuyo insindiso kuwo wonke okholwayo. Amen. NgiyaMthanda ngenhliziyo yami yonke. NiyaMthanda, ngokufanayo na?

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

128 Baba waseZulwini, njengoba usuku luba lufifi manje, izibonakaliso zokubonakala kwaKhe sekuseduze, sibona iBandla, lelodlanzana labakhethiweyo, ababizelwe ngaphandle, abamiselwa ngaphambili ngaphambi kokuqala kwezwe, amagama afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokuba kube khona ukusekelwa kwezwe, uMoya oNgcwele ufunisisile ezizweni nasezweni jikelele, kuze kuba Ubize leliqembu elincane, "Konke uBaba aNgiphe khona kuzoza kiMi. Wonke oza kiMi, Ngimnika ukuPhila okuphakade, ngimvuse ngomuhla wokuphela," sibona leloqembu elincane liziqoqa ndawonye liphuma kuwo onke amahlelo, kuwo onke amabandla, kuzo zonke izigodi. UNkulunkulu elungiselela iqembu laKhe elincane, ededela iNkanyezi yoKusa ikhanye phezu kwabo, njengoba bebona ukusondela kweNkosi uJesu.

129 Sibona inkonzo ivela ngokuthi, "Olungileyo uyakuphila ngokukholwa," uMartin Luther, ukungcweliswa ngoJohn Wesley, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ngamaPentecostal, nokubuyiselwa kweziphiwo, futhi manje kungena kuleyoNkanyezi yoKusa iqala ukubonakalisa, nalo lonke iBandla lidonsa liphuma kuwo onke amabandla, zonke izizwe, bonke abantu: uMlobokazi weGama laKhe.

130 O Nkulunkulu, izinhliziyo zabo zigcwele injabulo, bayajabula. Bayohlala ezakhiweni ezishisayo, bayohamba esimweni sezulu esibandayo, bayohamba emvuleni, ukukhithika, iqhwa, noma yikuphi, "Ngokuba lapho kukhona isidumbu izinkozi zizobuthana khona. Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi."

131 Futhi ngijabula kakhulu, Nkosi, ukubalwa kanye nabo, ngijabula kakhulu kulobubusuku, ukwazi ukuthi kukhona iBandla. Wena wathi kuyobakhona iBandla, liyoba lapho lingenabala noma umbimbi. Baba, O Nkulunkulu, amagama ethu mawabe kuleyoNcwadi enkulu phezulu Lapho, kwangathi singabonakala singenabala noma umbimbi.

132 Hlanza inhliziyo yethu esonweni, futhi lokho ngukungakholwa, Nkosi, siyaqonda ukuthi isono ngukungakholwa. Akunandaba ukuthi siphila kanjani, uma sisalokhu singalikholwa lonke iVangeli, siyizoni ngoba singabangakholwayo. *Sonke* isono masisuswe kithi, Nkosi, *konke* ukungakholwa. Kwangathi amandla kaNkulunkulu angahlala kulelibandla kulobubusuku, njengeNkanyezi yoKusa, siyakhuleka, azokwehla ngesimo sikaMoya oNgcwele, futhi sizobonakalisa yona impela inkonzo yeNkosi yethu uJesu Kristu, futhi khona-ke bazobona ukuthi kungani abalindi odongeni bememeza, "Ukusa kuyeza!" Haleluya! "Ukusa kuyeza, nobusuku bulapha, futhi!"

133 O Nkulunkulu, lapho sibona ibandla liphola, lilandela izakhiwo ezinkulu, nezinto zikanokusho, ne—nezinto zezwe, benesimo sokumesaba uNkulunkulu, bengenamandla, bephika amandla, bededa kukho, ngisho neBandla lePentecostal liphola lehla, lifika endaweni ukuthi nje injabulo ilapho uma umculo udlala, Nkulunkulu, iphi imihlangano yomkhuleko yobusuku bonke na? Ziphi izikhathi ezinkulu zothando komunye nomunye na? Kanjani…? Kwenzekeni, Nkosi na? Ngikhulekela ukuthi iNkanyezi yoKusa izobonakalisa ukuKhanya kakhulu kakhulu kulobubusuku, kuze kuthi wonke umphefumulo lapha uzobona uMbuso kaNkulunkulu uza ngamandla, futhi sazi ukuthi silungiselela ukungena kulokho. Siphe khona, Nkosi.

134 Sindisa abalahlekile. Nkosi Nkulunkulu, uma ekhona lapha kulobubusuku ongowaKho, kwangathi bangezwa iPhimbo laKho, kwangathi bangaLizwa, Nkosi. Kungahle kube yizaba ezimbi ukuthi sifanele sicule ihubo, noma ukushumayela iZwi, amaphimbo ethu awamaningi kangako, kodwa Ufanele usebenzise iphimbo lomuntu, ngoba lelo kwakuyicebo laKho elimiselwe ekuqaleni ukukhuluma. "Onamukelayo wemukela Mina, nongamukelayo Mina wemukela ONgithumileyo."

135 Nkulunkulu, makube njalo kulobubusuku, ukuthi uMlindi embhoshongweni, ukhwele izingange zaseNkazimulweni, ehlezi ngakwesokunene sikaBaba kulobubusuku, enza ukunxusela, kwangathi Angeza kulobubusuku ngamandla okuvuka kwaKhe. Kwangathi Angangena phakathi kwethu kulobubusuku, futhi enze into efanayo Ayenza ngaphambi kokuba Abethelwe, ukuthi leli elincane, iqembu elithembekile labantu, ezansi le lapha kulelizwe elinesono, bangahle babone ukubonakaliswa kukaJesu Kristu kuvezwa eBandleni. Futhi ba…[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] …amandla nenkazimulo, futhi ulungele ukuguqulwa okuzofika masinyane. Siphe khona, Baba. Sikunikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Amen.

136 Whewu! O, ngizizwa nginokukholwa, ngizizwa ngikahle. Wena uzizwa ukahle na? O, kukhona *okuthize* nje okungenza ngizizwe ngikahle. Kulungile, mshayi wopiyano, siphe indlela, *Ng'yaMthanda*. Bangaki abaMthandayo phakathi lapha na? Phakamisa isandla sakho. O, kuhle, lokho kulungile, bazalwane. Kulungile.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

137 Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, futhi silihamishe ngoMoya. Manje, uPawulu wathi, "Uma ngicula, ngicula ngoMoya; uma ngikhonza, ngikhonza ngoMoya." Manje ake nje yonke into ihambe, uMoya oNgcwele omuhle, iZwi

laKhe, likolobha umphefumulo wethu. Umlayezo obukhali, wokusola usuphelile, owethu...asinakulahlwa. Khona-ke asiphakamise izandla zethu nje sisacula.

> Ng'yaMthanda, (Mkhonzeni nje.) Ng'yaMthanda
>
> Ng'yathanda...(Yebo, Nkosi, siyaKuthanda.) Ng'ya...(Ngayo yonke inhliziyo yami, Nkosi, ng'yaKuthanda.)
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

138 O, Akamangalisi na? Akamuhle na? U-Oral Roberts uthi, "UnguNkulunkulu olungileyo." Unguye ngempela. UnguNkulunkulu olungileyo, khona-ke UnguNkulunkulu wolaka, UnguNkulunkulu wokwahlulela. Ngijabula kakhulu ukuthi kukhona umthombo ovulekile endlini kaNkulunkulu, kulobubusuku, wenhlanzeko, konke okungcolile kungahlanzwa. Anijabuli ngalokho na? Ngijabula kakhulu, ngijabula kakhulu, bazalwane bami, bodadewethu, ngijabula kakhulu ukuthi kunjalo. O, he! Ngiyathanda nje ukuzwa loluhlobo lomuzwa.

139 Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi ngisengumfana omncane, kwakukhona u—udadewabo womfundisi, nganginosuku naye, wathi, "Sizoyaphi kulobubusuku, Billy na?"

Futhi ngathi, "Awu, asiphume nje futhi sigibele sizungeze, ndawondawo."

Wathi, "Asiye ebhayisikobho."

Ngathi, "Angiyi emabhayisikobho."

Wathi, "Awu, kukhona umdanso ezansi e-Odd Fellows Hall."

Ngathi, "Angiyi emidansweni."

Wathi, "Manje, uthe awubhemanga, awuphuzanga, awudansanga, awuyi emabhayisikobho." Wathi, "Yini othanda ukuyenza ngokuzilibazisa na?"

"O," ngathi, "ngithanda ukudoba, nokuzingela, nezinto ezinjalo," kodwa lokho akuzange kumkhange.

Futhi wathi, "Uyitholaphi injabulo na?"

"O," ngathi, "injabulo yeNkosi iyinjabulo yami." Niyabo?

140 Futhi ebusukwini obumbalwa emva kwalokho, ngangisemhlanganweni wethende, ngaqala...nentombazane yayilapho. Futhi ngenza ukubizela e-altare, nemiphefumulo iminyene izungeze lelo altare, ngimbonile ehlezi emuva lapho ekhala.

141 Ngathi, "Woza lapha, Helen." Futhi wenyukela lapho engangikhona. Ngathi, "Ufuna ukwazi injabulo enginayo na?" Ngathi, "Lokhu kubiza kakhulu kimi kunawo

onke amabhayisikobho nayo yonke imidanso," ngathi, "kungukujabula kweNkosi, kungukuthula okudlula ukuqonda. Ngiyazi ukuthi ngelinye ilanga ngiyohlangana nalababantu eNkazimulweni, bonke bayosindiswa futhi babe ngaLeya, futhi leyo yinjabulo enginayo."

Wabamba isandla sami, wathi, "Billy, mangibe naleyonjabulo, nami."

142 Ngathi, "Nje thatha indawo yakho khona lapha. Akunandaba ukuthi u-Elsworth utheni, yima khona lapha." Futhi kwakukhona amasongo ezandleni zakhe, nezindandatho, nezinto, waphakamisa izandla zakhe emoyeni, wayeseqala ukudazuluka, futhi ememeza, futhi edumisa uNkulunkulu. UNkulunkulu wamsindisa futhi wamngcwelisa ngalobobusuku.

143 Futhi o, ngiyamazi umfowabo ufika kimi, futhi nje wayengiklabalasela ngakho, wathi, "Wenze ubuhlanya kudadewethu!"

144 Futhi uyeza enyuka, sasimi ekhoneni lesitaladi, wehla emotweni, futhi uza enyukela lapho, wathi, "Ngikukholwa ngendlela uBilly akushumayela ngayo." Amen. LeloVangeli eliyifeshini endala, wathi, "Nginokuthula phakathi *lapha* engingakaze ngibe nakho ngaphambilini, futhi kade ngiyilunga lebandla kusukela ohlwini lwezingane." Niyabo?

145 O, kwenza okuthile kuwe lapho usindiswa *ngempela*, thola *okuthile ngempela* enhliziyweni yakho! O, leloculo elincane abantu bePentecostal ababevame ukulicula! Awu, angikwazi ukucula, kodwa ake ngilizame:

> Kunabantu cishe ndawo zonke,
> Abanhliziyo zabo zonke ziyavutha
> Ngomlilo owehla ngePentekoste,
> Owahlanza wabenza bahlanzeka;
> O, Usuyavutha manje phakathi kwenhliziyo yami,
> O, udumo eGameni laKhe!
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo,
>
> Ngingomunye wabo, omunye wabo,
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo; (Haleluya!)
> Omunye wabo, omunye wabo,
> Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.
>
> Nakuba lababantu bengafundile,
> Noma baqhoshe ngodumo lwezwe,
> Bonke bemukele iPentekoste labo,
> Ngokukholwa eGameni likaJesu;
> Futhi bayasho manje, kokubili kude nabanzi,
> Amandla aKhe asafana namanje,

Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

Ngingomunye wabo, omunye wabo,
Ngi. . .ukuthi ngingathi ngingomunye wabo; (Haleluya!)
Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

Woza, mfowethu, ufune lesisibusiso
Esizohlanza inhliziyo yakho esonweni,
Esizoqala ukukhala kwezinsimbi zenjabulo
Futhi sizogcina umphefumulo wakho uvutha amalangabi;
O, kuyavutha manje phakathi kwenhliziyo yami,
O, udumo eGameni laKhe,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

Sonke kanye kanye!

Omunye wabo, omunye wabo,
Ngiyajabula ukuthi ngingathi ngingomunye wabo; (Haleluya!)
Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

146 Anijabuli ngakho na? Ngijabula kakhulu ukuthi ngingomunye wabo. Manje, xhawulana nomunye ohlezi eduze kwakho, uthi, "Ngingomunye wabo." Phendukani nje, nixhawulane, nithi, "Ngingomunye wabo." Haleluya!

O, omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo; (Haleluya!)
Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

Ngingomunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo; (Haleluya!)
Omunye wabo, omunye wabo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi ngingomunye wabo.

147 Ngingaqoka ukuba ngumKristu wakudala kunanoma yini engiyaziyo. Ngijabula kakhulu ukuthi iNkanyezi yoKusa iyakhanya phezu kwethu, ngijabula kakhulu ukuthi ngihamba ekuKhanyeni njengoba EsekuKhanyeni. Sinenhlanganyelo omunye nomunye, neGazi likaJesu Kristu, iNdodana

kaNkulunkulu, liyasihlanza kukho konke ukungalungi. Ngijabula kakhulu ukuba ngomunye wabo, anijabuli na?

Sibheke ukufika kwaloloSuku olujabulisayo
lwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane,
Lapho iNkosi yethu ebusisiwe iyofika futhi
ihlwithe uMlobokazi waYo olindile;
O! inhliziyo yami iyabubula, ikhalela lolosuku
lokukhululwa okumnandi,
Lapho uMsindisi wethu eyobuyela emhlabeni
futhi.

148 O, ngijabula kakhulu ukuthi Uyeza futhi. "Futhi NgiyakuMbona, ngiyakuMbona." Njengabanye abantu abazange . . . Eminyakeni edlule kwakukhona umbhali, uFanny Crosby, wayeyimpumputhe, akazange athengise ngobuzibulo bakhe, njengabaculi abaningi abakahle namhlanje kwithelevishini nezwe lamamuvi, bathengisa ngobuzibulo babo ngamaculo ambalwa nje odum-dum-dum noma umculo wokuzibinya, kodwa uNkk. Crosby wayengowesifazane ohlukile.

149 Beza kuye ngolunye usuku, base bethi, "Awubhali ngani ubunkondlo besimanje na? Awuwabhali ngani amaculo abeyo . . . ezwe lezokuzijabulisa na?"

Wathi, "Nginikela onke amathalente ami kuNkulunkulu." O! Mm!

Wathi, "Awu, uyakholwa ukuthi kuyobakhona iZulu khona-ke na?"

Wathi, "Yebo."

Wathi, "Futhi ucabanga ukuthi uzoba lapho na?"

"Yebo."

Wathi, "Manje, ini, lapho ufika lapho, uma uhlala uphuphuthekile," wathi, "uyoMazi kanjani na?"

150 Wathi, "Ngizozwa isibazi sezipikili ezandleni zaKhe." Waphenduka, wahamba ebuyela emuva, ebuyela ekamelweni, futhi ngenkathi enza, waphakamisa izandla zakhe futhi uqala ukudumisa uNkulunkulu. Ngenkathi bephumela ngaphandle, yena, iculo lamshaya, wathi:

NgiyoMazi, ngiyoMazi,
Futhi ngihlengiwe ngiyoma eceleni kwaKhe;
NgiyoMazi, ngiyoMazi
Ngemilobo yezipikili ezandleni zaKhe.

151 Futhi namhlanje, mfowethu, dadewethu, uhamba ezitaladini zaseNkazimulweni ngokubona okungcono kakhulu kunanoma ubani kulomhlaba owake waba nakho. UyaMbona, uyaMazi, futhi umile, ehlengwe eceleni kwaKhe. O, ukuba bengingambuza kulobubusuku, "Fanny Crosby, usho ukuthini uKristu kuwe na?"

152 Ubeyongiculela leliculo, ubeyokwenza, into efana naleli, ake sibone, elinye lamaculo akhe amadala adumile ebengicabanga ngalo esikhashaneni esedlule, wathi, "Akukho enginakho kulelizwe, konke kukuYe." Belithini leloculo manje, ebengilicabanga emizuzwini embalwa edlule, aliculile na? Lelo kwakuyiculo elimnandi kakhulu, bengicula-. . . Nokho, ngiyakhumbula ngilicula, ngizocabanga ngalo emizuzwini embalwa, ukuthi washo ukuthi, "Usho okungaphezu kwalelizwe kimi. Ngubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na? Ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?"

Mawungangedluli, O Msindisi omnene,
Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho Ubabiza abanye,
Mawungangedluli.

Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yami,
Ungaphezu kokuphila kimi,
Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

153 Ngijabula kakhulu ukuthi lokho bekungasho lokho kowesifazane oyimpumputhe. Bekungasho ukuthini kuwe nakimi, esingasebenza, futhi sisebenze, futhi sikhonze iNkosi uJesu ngendlela esenza ngayo. UNkulunkulu akubusise. Manje . . . [Udade ukhuluma ngezilimi, omunye udade uyahumusha—Umhl.]

154 Amen. UMfowethu Fred, noMfowethu Norman, abafowethu ebengihlezi nabo kulokhu ukusa, uma lokho bekungeyona into efanayo impela ebengikhuluma ngayo kulokhu ukusa! Ngisho isivuno saseMelika, ngenkathi ngiqala eminyakeni eyedlula uku, ekuvuneni ngeziphiwo, kanjalonjalo, sekuwelilile, kukame isizwe, ukuvuna sekuvele kuvunelwe ngaphakathi, manje sibuyela emuva sinqamula insimu phezu kwamabibi, nje sicosha uhlamvu lapha nalaphaya, nomaphi lapho esingakwazi khona. Ngabe kunjalo, bazalwane na? Bese usho into efanayo lapha, uMoya oNgcwele uphendukela emuva ngqo futhi ukhuluma into efanayo kulobubusuku. Amen.

155 O, uNkulunkulu masinya u . . . O, uma bebengathokoza lapho i—lapho ukuvuna kuqala, besifanele senzenjani manje lapho ukuvuna sekuphelile na? Isikhathi sokwela sesilapha manje, sehlukanisa amakhoba. Niyabo? Lesi yisikhathi. Khona-ke ungathula kanjani ngaphandle kokukuqhumisa nje impela na? Lesi yisikhathi sokwela, yebo, mnumzane, lapho u—ubhula ikhoba kukolo. Kunjalo impela. Lesi yisikhathi lapho kuza khona. Amen.

156 Uma noma ubani lapha ongenaso isehlakalo sePentekoste, futhi efuna uMoya oNgcwele, *nanti* i-altare, khona lapha

manje. Sizoza khona lapha futhi sikhulekele noma ubani ongenawo uMoya oNgcwele. Noma ubani ofuna ukwemukela uJesu, ngiyakumema lapha e-altare.

157 Uma niqaphelile ezikhathini ezedlule, angikho kakhulu ukuncenga abantu. Aku. . .Ngiyazi ukuthi kuhle, ngesinye isikhathi abantu babuyela emuva futhi baxoxe omunye nomunye, kodwa ngibone abantu beholeleka kude kakhulu noNkulunkulu nge. . .Uma uMoya oNgcwele ungeke ubaphakamise esihlalweni sabo, khona-ke abanathemba, empeleni, abahlali isikhathi eside. Niyabo? Kunjalo. Uma ukushunyayelwa kweZwi. . .

158 NoJesu waphenduka wayesethi kulowo wesifazane waseSirofenike, "Akukuhle kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana, futhi ngisiphe izinja."

Wathi, "Lelo yiqiniso, Nkosi, kunjalo, kepha izinja zilungele ukudla imvuthuluka ngasetafuleni lomniniyo."

Wathi, "Ngenxa yalesi sisho, lesi sisho. . . "

159 Manje, leli yibandla. . .Ngifuna niqaphele, into ingukuthi, inkonzo izoqhubeka ngokuba nkulu, niyabo, i—iziphiwo iNkosi ezinikezile ngezokuqinisekisa ukuthi nginitshela iqiniso, ngukuqinisekisa kukaNkulunkulu ukuthi yiqiniso. Manje-ke, kwakuyini iqiniso na? Ngathi, "Wathi ngangifanele ngikhulekele abantu, ngazalelwa leyonhloso." Ngakusho lokho eminyakeni edlule.

160 Leziziphiwo, ngibeke nje yonke inkonzo ngqo eziphiweni. Niyabo? Futhi abantu, abantu baseMelika ikakhulukazi, bafuna ukubungazwa. Bathola. . .Benza into efanayo ngeNkosi yethu. Kodwa ngokushesha nje lapho ngiqala ukusho lokho engangi, ngikhulume iqiniso lami, iziMfundiso zami zomBhalo. . . Engingacela noma yimuphi umuntu ukuba angiqondise kukho. Niyabo? Kunjalo. Akekho ongakaze akwenze namanje, futhi ngithobeke nje kanjalo, ngingavuma ukukwemukela noma ngasiphi isikhathi.

161 Kodwa kwathi nje uJesu angaqala ukubatshela iqiniso ngeVangeli, kwenzekani na? Abangamashumi ayisikhombisa bahamba, abanye bahamba, nokuthandwa ngabantu kukaJesu kwaqhubeka kwehla kwaze kwathi, ekugcineni, baMbethela.

162 Kodwa inkonzo yaKhe yakhula yajula futhi yajula, khona impela emva kokuba Esenze lesi sinkwa, njengoba ngakhuluma ngakho ngobunye ubusuku, nenhlanzi, wajika ngqo futhi wafaka izingoxe, a—amehlo omuntu ayengelutho ngaphandle kwezingoxe, wafaka izinhlamvu zamehlo phakathi, manje, kwakukhona isixuku esasilandela nje izinhlanzi nezinkwa, bathi, "Sizobona ukuthi Wenzani kusasa," kodwa izinhliziyo zabo zazikude kakhulu.

163 Futhi ngesikhathi sokuphela, bangaki Abadingeka ukuba bakhuphuke ukuba bamukele isibusiso sePhentekoste, emashumini ezinkulungwane Awakhonzisa na? Ikhulu namashumi amabili, emashumini ezinkulungwane.

164 Manje, lowoMoya ezweni namhlanje, wenza inkonzo efanayo ngokumelene nokuphikisana okufanayo, Kuyokwenza into efanayo. Kunjalo. Kodwa inkonzo yaKhe ikhula ijula ngokujula ngaso sonke isikhathi, ibe nkulu ngokwedlulele.

165 Manje, manje, uma engekho olungele ukuza, mhlawumbe emva kwenkonzo yomkhuleko wabagulayo, uzoza.

166 Manje, sine. . . Uphi uBilly na? Mangaki amakhadi na? Hhe? Elokuqala kuya ekhulwini na? Elokuqala kuya emashumini amahlanu. Futhi yiluphi uhlamvu na? U A, A, wokuqala kuya emashumini amahlanu. Yini ebesinayo ngobunye ubusuku na? Ngikholwa ukuthi siqale ngamashumi amahlanu ngobunye ubusuku, asiqalanga na? Amashumi amahlanu na? Awu, ake sithi, siqale kwenye indawo, sibathathe bonke khona-ke. Lokho ngukuthi, ngicabanga ukuthi sithathe abambalwa ngesikhathi esisodwa, abambalwa ngobunye ubusuku saze sabaqeda.

167 Manje asiqale ndawondawo phakathi kwelokuqala namashumi amahlanu kulobubusuku, asiqale kwelamashumi amabili-nanhlanu. Qala. . . Lokho kumaphakathi nabo, khona-ke singakwehlukanisa ngendlela efanayo. Kulungile na? Asiqale kusukela. . . Awu, isizathu sokuba ngenze lokhu, mhlawumbe iNkosi izosinika umugqa wokubona okufihlakele, ake sibone ukuthi kwenzekani.

168 Manje, ubani onekhadi lomkhuleko, bekuyini na? U A? A, amashumi amabili nanhlanu, A, amashumi amabili nanhlanu. Leyondoda lapho na? Kulungile, woza ngapha ngqo. A, wamashumi amabili nesithupha, amashumi amabili nesikhombisa, amashumi amabili nesishiyagalombili, amashumi amabili nesishiyagalolunye, amashumi amathathu. Ake sibone, lowo ngowokuqala, owesibili, owesithathu, owesine. Kulungile. Amashumi amathathu nanye, amashumi amathathu nambili, amashumi amathathu nantathu, amashumi amathathu nane, amashumi amathathu nanhlanu, amashumi amathathu nesithupha, amashumi amathathu nesikhombisa, amashumi amathathu-nesishiyagalombili, amashumi amathathu-nesishiyagalolunye, amashumi amane. Kulungile. Kulungile, manje, sifikephi manje na? A? U A ube. . . ? U A, amashumi amathathu kuya emashumini amane. Kulungile, amashumi amane kuya emashumini amahlanu, mabame, u A, amashumi amane kuya emashumini amahlanu. Lokho ngamashumi amane-nanye, amashumi amane-nambili, amashumi amane-nantathu, amashumi amane-nane, amashumi amane-nanhlanu, amashumi amane-nesithupha, amashumi amane-nesikhombisa,

amashumi amane-nesishiyagalombili, amashumi amane-nesishiyagalolunye, amashumi amahlanu. Mabame.

169 Uma ungakwazi ukusukuma, phakamisa isandla sakho nje, sizoba nomunye wabangenisi ukuba akwenyusele khona lapha ngqo uma ukhubazekile, noma okuthize, lapho esikhulekele khona abakhubazekile nabahluphekile lapha izolo kusihlwa.

170 Ngijabula kakhulu ukukubona emuva lapha ungenaso isihlalo esinamasondo kulobubusuku, mfowethu. Ngizwile ukuthi usukumile futhi waphuma izolo ebusuku, uphusha lesosihlalo esinamasondo esidala. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Umakadebona, ngiyakholwa, wasempini, no—nokuthi uNkulunkulu wambusisa kanjani, wabeka amandla aKhe noMoya phezu kwakhe, wahamba ngaphansi kwamandla kaMoya oNgcwele, elunyonga, ekhubazekile, noNkulunkulu wamenzela izinto ezinkulu.

Manje, ake sibone, ngabe bekungelokuqala kuya emashumini amahlanu awashilo na? Futhi senyukela emashumini amahlanu, kulungile.

171 Manje, bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? Phakamisa isandla sakho. Lokho akuzukuba phezulu lapha emgqeni womkhuleko, nje. . . Kulungile, bheka ngapha, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Khumbulani, Usenguye umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Awu, uma uMthintile, ubuyokwazi kanjani ukuthi uMthintile na? Ubeyofanele enze ngokufanayo njengoba Enza.

172 Kulungile, bangaki emgqeni womkhuleko laphaya, oyizihambi kimi na? Phakamisani izandla zenu, uyazi ukuthi angikwazi. Ngizikholwa zonke izandla engingazibona. Bangaki phandle lapho abayizihambi kimi, engingakwazi na? Phakamisa isandla sakho.

173 Manje, uma . . . Abaningi benu bayagula. Ukuba-ke—ukuba iNkosi yethu uJesu, asithathe umBhalo kulobubusuku, ukuba-ke iNkosi yethu uJesu ifika lapha, futhi ibigqoke lesudi Eyangipha yona, futhi ubuyokhuphukela lapha, futhi uthi, "Nkosi Jesu, Uzongiphulukisa na?"

174 Niyazi ukuthi Ubeyothini na? Unomqondo na? Ubeyothi, "Mntanami, sengivele ngikwenzile lokho." Bangaki okwaziyo lokho na?

175 Uma uyisoni, uma ubuyothi, "Nkosi, uzongisindisa na?" Usevele ukwenzile, ufanele nje ukwemukele. "*Ya*linyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo *si*phulukisiwe thina." Ngabe kunjalo na? Yinkathi edlule. Manje, kodwa uma ubufuna ukwazi . . .

176 Ukuba-ke indoda ibimi lapha igqoke ingubo ende emhlophe, nezinwele zilenga le phansi *kanje* na? Angahle ukuba

wayengabukeki kanjalo. Yilokho nje abadwebi abadweba isithombe sakho, Angahle abukeke ehluke ngokuphelele kulokho. Kodwa ukuba-ke ubemi lapha, futhi ubenemilobo yezipikili ezandleni zakhe, imilobo yezibazi esiphongweni sakhe, futhi wama lapha wayesethi wayeyiNkosi uJesu na? Niyazi, ngokushesha impela bengiyonitshela ukuthi wayenephutha. Kunjalo impela. Lapho uJesu efika, isikhathi asisayikubabikho. Kunjalo. Bekungeke kube yiNkosi uJesu.

177 Kodwa manje-ke, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubengaba kanjani lapha na? Esimweni sikaMoya oNgcwele, lapho Asingcwelisa khona, ukuhamba angene kithi, nokwenza imisebenzi yaKhe ngathi, ngoba lokho yizithunywa zaKhe, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza." Ngabe kunjalo na? Manje, Angahle azimemezele Yena uqobo... Ubeyozimememezela kanjani-ke Yena uqobo ukwazi ukuthi WayenguJesu ofanayo na? Ngenxa yokuthi bekuzo...Ubeyo—Ubeyokwazi ukwenza umsebenzi ofanayo Awenza ngaphambi kokuba Abethelwe. Futhi lokho kwakungukuthi Wa—Wenza lokho uBaba aMbonisa khona. Manje, uma...

178 Ngabe ukhona noma ubani lapha ongakaze abe komunye wemihlangano ngaphambilini na? Phakamisa isandla sakho. Awukaze ube komunye wemihlangano. Awu, uNkulunkulu akubusise, siyajabula ukuba nawe phakathi kulobubusuku.

179 Manje, nina eniphandle lapho, bhekani nje phezulu ngaseZulwini, bese nithi, "Nkosi, lendoda ayingazi, ngiyazi ayingazi, kodwa ngiyagula, manje ake ngibone uma lowomlayezo ewushumayelile kulobubusuku, 'Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma...'"

180 Ukuthi leyoNgelosi yenyuka kanjani lapho, futhi yahlala phansi ku-Abrahama, ezintathu...iziNgelosi ezimbili noNkulunkulu. Bangaki owaziyo ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na? U-Abrahama wathi kwakunguNkulunkulu, waYibiza ngo-Elohim, iNkosi uNkulunkulu. Wayefanele azi, nguye owayekhuluma naYo. U-Elohim wahlala lapho nezingubo ezinothuli, wayesethi... Emva kokuba abanye abashumayeli ababili sebehlele eSodoma, Omunye wahlala no-Abrahama, manje khumbulani, WayeyisiHambi, futhi Wathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

181 Wayazi kanjani ukuthi wayeshadile na? Wayazi kanjani ukuthi wayenonkosikazi, igama lakhe kwakungu-Abrahama, negama lakhe kwakunguSara na? NeBhayibheli lathi—lathi wayesethendeni emva kwaKhe.

Futhi Wathi, "Ngizokuvakashela ngokokuphila, isikhathi sokuphila," njengoba Ethembisa. NoSara, ngaphakathi ethendeni, wahlekela ngaphakathi.

NeNgelosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?"

182 Ngabe kunjalo na? Kwakuhlobo luni lokufunda ingqondo lolo na? Manje, uJesu wathi leyonto efanayo iyokwenzeka ngaphambi nje kokuba umhlaba wonke ushise njengeSodoma neGomora lasha, Umlilo uzokwehla uvela eZulwini. Futhi Wathi leyonto efanayo izokwenzeka, imisebenzi efanayo.

183 Manje bhekisisani, uMartin Luther waba ngowokuqala enguqukweni, washumayela ukulungisiswa, ububanzi obuvulekile. Kwase-ke kufika uWesley, iNsika yoMlilo yahamba, uWesley, e, uLuther akakwazanga ukunyakaza ngoba wayehleliwe, iNsika yoMlilo yaphuma, uWesley waYilandela, ukungcweliswa, umsebenzi wesibili womusa. Wakha ibandla elikhulu, wasindisa izwe ngalesosikhathi, imvuselelo kaWesley. Ini na? Abantu beMethodisti na? Wena wakha inhlangano, waqeda imfundiso yakho ngongqi, "Sikholwa yi*lokhu* futhi akukho okunye."

184 Ngenkathi uMoya oNgcwele uqala ukuphuma futhi, iNsika yoMlilo, amaPentecostal akubona njengombhaphathizo, nokuvuka kweziphiwo, umWeseli akakwazanga ukusuka kulokho, iChurch of God, iPilgrim Holiness, iNazarene, abakwazanga ukukwenza, base bevele bezinzele ukungcweliswa. Kodwa manje kufika umbhaphathizo, amaPentecostal awubona.

185 Nizwile yini ukuthi uBilly Graham wathini ngelinye ilanga na? "Ibandla lePentecostal liyibandla elikhulayo elinamandla kunawo onke elikhona ezweni namhlanje." Kunjalo.

186 I*Sunday Visitor*, ibandla eliKatolika maduzane nje lasho ukuthi ngonyaka odlule, noma ngonyaka ongaphambi kowedlule kwakuyiwo, ukuthi amaPentecostal abhalisa isigidi, izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu abaphendukile, ngaphezu kwanoma yiliphi elinye ibandla elalikhona ezweni. Kungani na? Amadoda angabazi ngisho o ABC bawo, eshumayela iVangeli, amandla kaNkulunkulu, kunjalo, uNkulunkulu wakwethembisa.

187 Manje bhekisisani, sihleleka kakhulu, kanjalonjalo, "Futhi sina*lokhu* nje. Futhi Uza ngehhashi elimhlophe, hhayi ifu elimhlophe, noma. . ." kanjalonjalo, kuze kuthi uMoya oNgcwele udonse uphume ngqo kulokho manje, kunjalo, ephuma, futhi eletha iBandla, hhayi emvuleni yamuva, noma okuthize, Usevele usemvuleni yamuva, Ubumba nje iBandla ndawonye, njengesivivane esikhulu ezansi ngaleya eGibhithe.

188 Itshe eliyinhloko alizange libekwe esiqongweni sesivivane, ngoba itshe eliyinhloko lenqatshwa. Kunjalo. Itshe legumbi lenqatshwa esakhiweni. Ngakho, kuyini na? IBandla, lonke itshe lizofanele linqwabelane futhi lizilolonge, njengalelotshe eliyiNhloko ncamashi, ukuthi lapho Lifika, Lizokwenza isiVivane esiphelele, uMzimba kaKristu.

189 Manje, uMoya kaNkulunkulu eBandleni namhlanje ufana impela nje njengoba Wawunjalo ngenkathi UkuKristu Jesu. UJesu washo kuJohane oNgcwele 5:19, "Ngingenze lutho aze uBaba waMi aNgikhombise. UBaba uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube manje."

190 Manje, uma Ezofika kulobubusuku futhi enze into efanayo phandle *lapho*, phakathi *lapha*, nangokuzungeza, bangaki abazoMkholwa ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu evukileyo na? NoMlindi usembhoshongweni, ekhombisa izibonakaliso zaKhe nezimanga zokuFika.

191 Woza lapha, mnumzane. Manje, nansi indoda, ivele yaphakamisa isandla sayo ukuthi yona nami besiyizihambi. Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami yonke, ngaze ngayibona ihlezi khona lapho nje esikhashaneni esedlule, ngenkathi isukuma ukuba yenyukele lapha. Angiyazi, angikaze ngiyibone, angazi ukuthi izele ini lapha, angazi lutho ngayo. Manje, manje, ukuba bengingawelela lapha, futhi ngibeke izandla phezu kwayo, ngithi, bengiyothi, "Mnumzane, uyagula na?"

"Yebo, mnumzane."

192 Mhlawumbe injalo, mhlawumbe ayinjalo, angazi. Kodwa asithi injalo, ngibeka izandla zami phezu kwayo, bese ngithi, "UJesu Kristu uyakuphilisa. Hamba ngokuthula."

193 Ibingakukholwa lokho, lokho kungokomBhalo, "Bayobeka izandla phezu kwabagulayo." Manje, yileyondlela uMfowethu Roberts akhulekela ngayo abantu. Kulungile.

194 Manje, omunye wathi kimi, "UMfowethu Roberts uzokhulekela amakhulu amahlanu, usakhulekela amashumi amahlanu."

195 Ngiyazi, angisuye u-Oral Roberts, u-Oral Roberts akasimi. Niyabo? Sobabili sinezinkonzo zethu ezehlukene, UNkulunkulu ukuhlanganisa ndawonye ukusenzela uMzimba ophelele, niyabo. UMfowethu Roberts uyindoda kaNkulunkulu, futhi ukhulekela abagulayo, unjalo nabanye abafowethu, bonke bangamadoda kaNkulunkulu, futhi banezindlela ezehlukene zokukhulekela abagulayo, lena yindlela iNkosi eyanginika ngayo.

196 Manje, Yangitshela ukuba ngikhulekele abagulayo, ngibakhulekele nje, ngibeke izandla phezu kwabo, kodwa yathi, "Lezizibonakaliso, lesisibonakaliso sizonikwa wena, futhi lokho kuzoba yinto ezobangela abantu ukuba bakholwe."

197 Manje, uma ngiqinisile, ngikhuluma iqiniso, isibonakaliso siyisibonakaliso seBhayibheli, wonke lowo okwaziyo lokho, kwethenjiswa ngezinsuku zokugcina. Manje, ngikhulumile ngakho, ngashumayela ngakho, ngakhuluma ngakho, nizwile ngakho. Manje kuzosebenza na? Yilokho-ke. Uma

lokho kusebenza, ba...noma yini enye izosebenza. Ngabe kwakusebenzela ngenkathi uMoya oNgcwele efika na? Nasikholwa i—isithembiso sikaMoya oNgcwele na? Nisitholile na? Kunjalo. Kusebenze kahle. Niyabo? UNkulunkulu ugcina zonke izithembiso. Manje Uyasigcina lesisithembiso, manje "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza."

198 Manje, nansi indoda engingakaze ngiyibone, angazi lutho ngayo, uNkulunkulu uyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Futhi ayingazi, angiyazi. Kuphela iyangazi nje, ukuthi ingibonile, kodwa angazi lutho ngayo.

199 Manje, uma uMoya oNgcwele usenguMoya oNgcwele, futhi ngingazinikela mina uqobo kuMoya oNgcwele ngesiphiwo sobuNkulunkulu sokuziphumuza mina uqobo, njengoba nje ubufanele, ukwemukela uMoya oNgcwele, ukukhuluma ngezilimi, nezinto, udingeke ukuba uziphumuze, nje uMdedele athathe izintambo, manje, uma ngingaziphumuza mina uqobo, ukuthi Angangena futhi akhulume nalendoda, futhi ayitshele okuthize ngayo, ini, iyazi ukuthi kuyiqiniso noma qha, obekuyikho, iyokwazi ukuthi lokho kuqinisile noma qha. Awu, uma uNkulunkulu azi ukuthi bekuyini, engasho ukuthi bekuyini, impela, ubeyokholwa okuzoba yikho ngaleyonkathi, lokho Athi kuzoba yikho. Niyabo? Manje, lokho kukwenza kube ngokuyikho.

200 Manje, uma noma ubani engabaza, wamukelekile ukuza lapha, uthathe indawo yami, uyabo, wamukelekile.

201 Manje, manje, bengingekusho lokho ngalutho, ukuba Wayengangenzelanga lesosithembiso. Futhi emhlabeni jikelele ngaphambi kwengxenye yesigidi sabantu ngesikhathi esisodwa, ngiMbonile, futhi Akakaze ehluleke, phambi kwezinyanga-bathakathi, nakho konke okunye. Futhi ngiyazi ukuthi UnguNkulunkulu, ngakho-ke nginethemba.

202 Manje, uma uMoya oNgcwele ubungakhuluma ngami futhi usho okuthize kulendoda, bekunganenza nonke nikukholwe, nina, nonke nikholwe ukuthi UnguMoya oNgcwele lapha na?

203 Manje, Baba waseZulwini, ngiyaqonda ukuthi bengiyoba ngothule kakhulu nje njengalemayikrofoni. Lemayikrofoni ayikwazi ukuzikhulumela, kodwa yenziwe ukuba ithwale iphimbo lami. Nkosi, ngenze, manje nje, ukuba ngithwale iPhimbo laKho, iPhimbo Obuyokhuluma. Angiyazi indoda, ayingazi, kodwa Wena uyayazi, futhi Uyangazi, ngakho nje ngenze, Nkosi, ngesiphiwo sobuNkulunkulu esagcotshwa ngaphambi kokuba izwe liqale, ukuthi lenkonzo ifanele ibe kulolusuku, njengazo zonke izinkonzo nje zimiselwe lokho... UNkulunkulu ubeka ebandleni abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli, kanjalonjalo, UNkulunkulu uyakwenza lokho, lokho yiziphiwo zaKhe ezimiselwe.

204 Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzovumela abantu babone. Khona-ke ngaphambi kokuba ngiphinde ngibuyele kulelidolobha futhi, uma Ufika, noma eziningi zalezi ziqhubeka, khona-ke Baba Nkulunkulu, ngaloloSuku akuzukubakho-zaba. Manje, ngikhulume ngaWe, khuluma Nkosi ukuthi ngikhulume iqiniso. Ngizinikela kuWe nalezizethameli, ngithatha wonke umoya phakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

205 Manje hloniphani ngokuzithoba nje, ningangabazi, kholwani yizinto zonke. Manje, izwi nje, ngoba kade ngishumayela. Bengingahlosile ukukwenza ngalendlela, bengizokhulekela abagulayo nje, kodwa ngenkathi ngibone isigejane sabantu abebekade bengekho emihlanganweni ngaphambilini, ngicabange ukuthi bekungaba yinto enhle uma ngikwenzile.

206 Ngikhuluma nani njengoba nje iNkosi yethu yakhuluma kowesifazane emthonjeni. UBaba waMthumela phezulu lapho, Wayazi ukuthi Wenyukela lapho, kodwa Wayengazi ukuthi enzeni. Kuphuma owesifazane, ngakho Uqala ukukhuluma naye, kwase kuthi-ke ngenkathi Exhumana nomoya wakhe, Wabona ukuthi yayiyini inkathazo yakhe.

207 Manje, uma iNkosi uJesu ilapha . . . Umoya wami awukwazi, angikwazi, angikaze ngikubone, kodwa uma iNkosi uJesu ikwazi, futhi uma uMoya waKhe ungaxhumana nawe, bese-ke ungisebenzisa ukuba ngikhulume, Angasho into efanayo, njengoba Enza kulowo wesifazane lapho, lokho—lokho okuyikho.

208 Manje, uma iNkosi izongembulela into ethize oyizele lapha, futhi kusobala, siyazi ukuthi usinda ngokweqile, kodwa into ethize ngaphandle kwalokho, niyabo, lokho bekuyoba . . . bekuyokwenza ukholwe na? Bekungaba . . . kukunika ukukholwa kuNkulunkulu ukukwenza ukholwe na? Nezethameli zithe kuzozenza zikholwe. Manje, kwangathi iNkosi ingakupha.

209 Manje, uma izethameli zisengalizwa iphimbo lami, ngibona indoda ihlehla, yebo, inesibhono, inesibhono esiyihluphayo. Yiqiniso lelo.

Uyakholwa na? Manje, bengingakuboni lokho, kodwa inakho.

Wena uthi, "Ungahle ukuba ukuqagelile, Mfowethu Branham."

210 Umzuzu nje, sizobona uma kunjalo. Ngiyakholwa, ngizozama ukukugcina lokho engqondweni yami, ngibone isibhono, noma *enye into ethize*, isibhono, ngikholwa ukuthi bekuyiso, isibhono. Futhi unenkathazo yenhliziyo, futhi. Ube ne—ube nengozi yemoto, futhi, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Futhi awusuye owalapha, qhabo, mnumzane,

ungowasedolobheni elithiwa iSan Francisco, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. UJesu Kristu uyakuphilisa, qhubeka ubuyele emuva uthokoza. Ukukholwa kwakho kukusindisile.

211 "Uma nje uzokholwa!" Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela, niyabo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]... kholwa. Anginisoli, ayidunyiswe iNkosi, impela, uNkulunkulu uyinto ekhonzwayo, impela. Ngiqonde ukuthi hlalani nje ezihlalweni zenu, yibani nokukholwa. Unga—ungabi ngongakholwa nhlobo, kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho. Manje, abanye benu phandle lapho bayakhuleka, bekholwa, khothamisani amakhanda enu nje, futhi nikhothamise inhliziyo yenu, esikhundleni sekhanda lenu.

212 Manje, lendoda lapha iyisihambi kimi, ngikholwa ukuthi uphakamise isandla sakho ezansi lapho ukuthi besiyizihambi omunye komunye. Khona-ke angikwazi wena, angikaze ngikubone, noNkulunkulu uyakwazi wena, angikwazi. Manje, uma Ezongitshela into ethize engalungile ngawe, noma into ethize oyenzile, noma into ethize ozoyenza, noma into ethize ohlela ukuyenza, noma into ethize nje owaziyo ukuthi angazi lutho ngayo, kungakwandisa ukukholwa kwakho, mnumzane na?

Bekungakwenza lokho ezethamelini na? Kulungile.

213 Manje, nanka amadoda amabili angakaze ahlangane, awakaze ahlangane ngaphambili empilweni. Manje, lokhu kuyafana nje njenganenkathi uSimoni Petru efika eNkosini uJesu. Futhi igama lakhe kwakunguSimoni, ngakho Wamtshela ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni, wathi, "Uyindodana kaJonase." Futhi lapho Esemtshelile, wakhuluma naye, uPetru wakholwa. Manje, iNkosi uNkulunkulu iyayazi lendoda, angiyazi. Kodwa uma iNkosi izokwembula okuthize, ithe bekuyoyenza ikholwe, ibe nokukholwa, uthe bekuyokwenza ukholwe. Manje, kwangathi iNkosi ingakupha, njengoba nje ngizithoba.

214 Manje, mngane wami oligugu, silapha eBukhoneni bukaNkulunkulu, silapha hayi ngeny'inhloso kodwa inkazimulo kaNkulunkulu. Manje, uma nje uzoba nokukholwa, futhi ungangabazi, futhi ukholwe! Yebo, uhlushwa uhlobo oluthize lwenkathazo njengefindo elisenanzini, leyo yinkathazo yakho, ifindo, yilokho okufunela ukuphulukiswa. Kukhona okuxakile ngawe, ungumshumayeli. Kunjalo. Futhi ngiyakubona, wawuvamise ukushumayela khona lapha. Kodwa awu... awusekho lapha manje, useduze ne—nedolobha elibizwa nge-Eureka, into efana naleyo. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani na? UnguMfu. Howard Call, ISHO KANJE INKOSI. Yiba nokukholwa. UNkulunkulu akubusise.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Kholwa nje, yilokho kuphela ofanele ukwenze. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi.

Manje, nenekazi, manje, uyabo, khona manje buka lapha esandleni sami. Uyabo? Nje ku. . .

215 Inenekazi lihlezi lapho lihlushwa inkathazo yamankanka, likhathazekile, likhulekela udade futhi, nalowodade usesibhedlela sikahulumeni. Kodwa wena uthinte umphetho wengubo yaKhe ngaleyonkathi. Uthinteni, nenekazi na? Ingubo yakhe, umPristi oMkhulu. Manje, lezozinto ziyiqiniso. Manje uma kunjalo, phakamisa isandla sakho uma ufuna ukukwemukela. Kulungile. UNkulunkulu akubusise.

216 Nakho lapho okhona, niyabo, owesifazane ehlezi lapho engekho ngisho nasemgqeni womkhuleko. Wenzeni na? Uthinte umphetho wengubo yomPristi oMkhulu, lokho kuyakwenza. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu manje, uhlale nje futhi ukhuleke njengoba ubenjalo.

217 Manje, uyisihambi kimi, angikwazi. Anginandlela yokwazi wena, singabantu ababili nje abahlangane lapha emhlabeni, owesilisa nowesifazane, njengokuthi, njengoba kwakunjalo nje ezinsukwini zeNkosi yethu ngenkathi lowomthombo omncane, bahlangana nowesifazane eSamariya. Manje, uma iNkosi izongembulela okuthile owaziyo ukuthi angazi lutho ngakho, khona-ke kuzokwenza ukholwe, kuzokwenza na? Kulungile, kwangathi iNkosi ingakupha.

218 Manje, ubuthakathaka ngempela ngenxa yesizathu esithize, ube nokuhlinzwa. Nalokho kuhlinzwa kukuyisimo somdlavuza, lokho bekusendlaleni yegilo, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Manje kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

219 Sathane, ngiyasilahla lesisimo sikadadewethu, phuma kuye eGameni likaJesu Kristu!

220 Hamba futhi uphile manje, yonke indawo. Hamba futhi udumise uNkulunkulu.

221 Sawubona, nenekazi eliselincane? Angikwazi, ngiyisihambi kuwe, kodwa uNkulunkulu uyasazi sobabili.

222 Manje, umzuzu nje, omunye umuntu, omunye umuntu esakhiweni, bekukhona omunye wesifazane emi lapha ngaleyonkathi. Niyabo? Manje hlonipha ngokuzithoba ngempela.

223 O, akumangalisi yini ukuba seBukhoneni baKhe na? Bangane, ningavuka niqonde iqiniso lokuthi iZwi likaNkulunkulu liyabonakaliswa na? Manje yibani nokukholwa, ngomunye umuntu lapha.

224 Manje, kini futhi. Mina, uma bengingakusiza noma ngayiphi indlela, bengiyokwenza. Kodwa angikwazi ukukusiza, kuphela. . .Ukuba uJesu ubemi lapha, Ubengeke akusize,

ubuyodingeka ube nokukholwa kokwaKhe, lokho Asevele ekwenzile, ngoba lonke icebo lensindiso, sonke isibusiso sokuhlenga, saqedwa eKalvari ngenkathi Efa. Uyakukholwa lokho na? Ya. UngumKristu, ngiyawuzwa umoya wakho, ukuthi ungumKristu. Kodwa awuzimele lapha ngesingawe, kungokomunye umuntu, lowo ngumyeni wakho. Akekho lapha, uyagula, ekhaya, uhlushwa yinto ethize emkhubazayo, yisifo samathambo, unesifo sesikhumba. Indoda yayivame ukuba ngumKristu, isihlubukile manje.

225 Unendodakazi lapha nawe, inenkathazo yezinso. Futhi—futhi ninenkathazo yasekhaya emakhaya enu, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI! Lelo yiqiniso, akunjalo na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, nalezizinto zizoqondiswa na? Khona-ke, eGameni likaJesu Kristu, hamba futhi ukwemukele. Amen.

226 Nginiphosela inselelo ukuba nikukholwe ukuthi kuyiqiniso. Manje, imibono nje enjengaleyo, manje zonke izethameli zinjalo, kade ngihlangana emva komhlangano, kuze kuthi zonke izethameli zibukeka kanjalo, kubukeka nje kuthi ukugqama, njengo ukukhazimula, ukubenyezela phezu kwesiqongo salezizethameli, khona manje, lobo nguBukhona bukaMoya oNgcwele. Niyabo? Ngingena endaweni enjalo manje! Futhi niyabo, ungene kwelinye izwe, elinye izinga, elinye izinga. Futhi ngi—ngibuthakathaka impela ukuba bengishumayele kusukela emini namhlanje. Kunjalo. Ngifanele ngime kancanyana nje, ngoba uthi nje ukuziphumuza. Manje, lokhu okuningana, lokhu . . .

Awu, sithi kulona wesifazane lapha: Siyizihambi omunye komunye, kodwa uJesu usazi sobabili. Uyakukholwa lokho na? Kulungile, kukholwe.

227 Manje, ngenkathi uMose ehlele eGibhithe ukuyokwenza isibonakaliso, ukukhombisa abantu ukuthi uNkulunkulu wayemthumile, lesosibonakaliso sasiyisiqinisekiso sokuthi Wayeyinceku kaNkulunkulu. Ngabe kunjalo na? Wayebatshela iqiniso, ukuthi kuphunyukwa kanjani olakeni lwalesosizwe, ulaka lukaNkulunkulu lwaluza phezu kwesizwe, iPhasika lalifanele lenziwe. Futhi manje, uMose wehlela lapho, futhi wenza isibonakaliso uNkulunkulu amtshela ukuba asenze, ephendula induku ibe yinyoka bese ebuya eyicosha futhi, futhi wenza isibonakaliso sakhe ngesandla esinochoko, futhi wonke u-Israyeli wamkholwa ngaphandle kokukhonona, niyabo, bamkholwa.

228 Kodwa ngiyamangala ukuthi kungani namhlanje abantu bengakwenzi, ngenkathi uJesu athi lokhu kuyokwenzeka, nangu Ukhona, khona lapha kulobubusuku. Ngi—bengingenakho ukukhetha kulokhu, lezozinto zaziwa ngaphambili nguNkulunkulu. Uyakukholwa lokho na? Impela, uyakukholwa. Zazigcotshwe nguNkulunkulu, umuntu akakwazi ukuzenza.

"Ubani onganezela ingalo eyodwa ubude bakhe na?" Kodwa lena akusiyo indlela elula, yindlela enzima, ukuhlupheka, ukuhlupheka okungaphezu kokwaziwayo. Ungeke watshela umphakathi, bebengeke bakuqonde; awukwazi ukukuchaza, ngoba awukwazi wena uqobo; ufanele nje uqhubeke futhi wenze inkonzo yakho, lapho sekuphelile konke uye ekhaya.

229 Manje, ngikhuluma nawe njengoba nje iNkosi yethu yenza kowesifazane emthonjeni, ukuthola inkathazo yakho, ngizoyithola ngomusa waKhe. UneTB, kunjalo. Unesimo somdlavuza futhi. Unesifo segazi odokotela abangakwazi kwenza lutho ngaso, aselapheki. Kunjalo impela. Ngibona u, uhlobo luka—kadokotela obukeka eqatha, enikina ikhanda lakhe lapho ebuka into, wathi, "Akukho okungenziwa ngakho." Kunjalo, lokho kuyamchaza. Manje, bengiyokwazi kanjani phakathi, khona impela egumbini, indlu yokucwaningela isayense, lapho ayemi khona na? Niyabo? Manje, unenqwaba yezifo ezelakanyanayo zezinto, ezinye izinto ezingalungile ngawe, ugula ngempela.

230 Awusuye owakulelidolobha, qhabo, uvela edolobheni elikhulu kunaleli, nedolobha lihlezi empumalanga yalapha, yiDolobha laseSalt Lake. Kunjalo. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ungubani, nawe yonke indlela kusukela lapho, uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ungubani, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uzokwenza na? Kulungile, Nkk. Harvey, ungabuyela ekhaya, uphiliswe, uJesu Kristu uyakuphilisa.

Uyakholwa eNkosini na?

231 Kulungile, woza. Manje, umuntu othize ocabanga ukuthi unjalo, ukuthi ungahle ukuba ufunda umqondo wakhe: Woza lapha, nenekazi. Beka isandla sakho kwesami. UNkulunkulu uzongitshela ukuthi yini engalungile ngawe, uyakukholwa na? Inkathazo yakho yenhliziyo iphulukisiwe. Hamba uye ekhaya, uphile.

Manje, kuthiwani ngalokho na?

232 Woza, nenekazi. Manje, lona wesifazane ubenento efanayo, ngoba kukhona ukukhanya okuvela kulona wesifazane kuya kulowo. Qhubeka nje nokuhamba, uphulukisiwe, futhi, uJesu Kristu uyakuphilisa. UNkulunkulu akubusise.

233 Yenyuka, noma ngabe ungubani, ezansi lapho, woza *ngapha*. Manje, uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini inkathazo yakho ngokubuka *ngapha*, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Inkathazo yeqolo. Hamba ngendlela yakho futhi ujabule, uthi, "UJesu uyangiphilisa." Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

234 Manje, lapho uvuka ekuseni, ugongobele ngempela, futhi, isifo samathambo yilokho okufunela umkhuleko. Manje, uma

uzokholwa eNkosini ngayo yonke inhliziyo yenu, kusasa ebusuku ungagijima wenyuke lesositebhisi. Hamba ukholwe manje, gijima ukhuphuke isitebhisi. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, lokho kuzofanele kube nguwe ukuba ukholwe.

235 Kulungile, woza, dade. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangivumela ngibuke wena phandle lapho, futhi ngisho ukuthi yini engalungile ngalona wesifazane na? Awu, ungakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, dade, futhi na? Ubuyokwenza na? Kulungile, hamba futhi isimo sakho sesifuba somoya sizokushiya. Uyakukholwa lokho na? Kulungile. Hamba, ukholwe eNkosini uJesu ngayo yonke inhliziyo yakho.

236 Manje, lona wesifazane oza lapha, wena ufuna ukwazi ukuthi unani engalungile ngaye na? Yinkathazo yesisu. Hamba uzitholele ihambhega, uNkulunkulu uyakuphulukisa, uyakuphilisa. Yiba nokukholwa.

UNkulunkulu angakwenzela lokho i-Asthmador engeke yakwenza. Uyakukholwa lokho na? Khona-ke hamba ngendlela yakho uthokoza.

Lokho kukhwehlela okudala, phuma kuye, eGameni likaJesu Kristu!

UNkulunkulu akubusise, hamba ukholwe.

237 Ukuba-ke bengikutshelile, uphulukisiwe ngenkathi uthola, phezulu ezitebhisini, ubuyothatha izwi lami ngakho na? Hamba, uthokoza, uthi, “Ngiyabonga, Nkosi.” Hamba futhi uphiliswe, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

238 Ungowesifazane obukeka enempilo kakhulu ukuba akhathazwe yimizwa, kodwa yileyo inkathazo yakho. Hamba, konke sekuphelile manje. Uyabo? Umopho, ushintsho nje.

239 Manje, uyakholwa ukuthi isimo sesifuba somoya siyakushiya, futhi, inkathazo yamanenekazi nesimo sesifuba somoya na? Hamba ngendlela yakho uthokoza, uthi, “Ngiyakubonga, Nkosi. Iyangiphulukisa.”

240 Bangaki laphaya ofuna ukukholwa eNkosini uJesu Kristu na? Bangaki okholwayo ukuthi *lona* nguMoya oNgcwele, ukuthi ngingumfowenu na? Khona-ke uMoya oNgcwele ulapha. Niyambona lowo wesifazane ephulukisiwe na? Ungaphulukiswa, nawe.

241 Mangaki amakholwa elilapha na? Phakamisa isandla sakho. Khona-ke iBhayibheli lathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Bekani izandla phezu komunye nomunye, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, nikhulekelane.

242 Nkosi Jesu, woza ngamandla aKho. NgiKunika lezizethameli.

243 Sathane, wehluliwe empini. Phuma kulezizethameli, shiya lababantu, eGameni likaJesu Kristu!

244 Makabongwe uNkulunkulu ophilayo!

